		Inani lezihlewe ezethamele umdlalo (ezikhokhayo nezingakhokhi)	183 151	178 625	45,000	361,607	316,607	😊	Bekuvumeleke isibalo esincane sezethameli emashashalazini ethu ngenxa yemithetho yokuvalwa kwezwe. Kuqaliswe isu lokusebenza lokukhombisa imidlalo ngobuchwepheshe besimanje, yingakho ke zenyuka izibalo zezethameli zemidlalo yethu.
	Ukuqinisa igama le-Playhouse Company kanye nokumakethwa kwemidlalo edidiyelwa ngaphakathi	Isibalo Sezinkundla zokuxhumana ezehlukile ezisetshe-nzisiwe	Inkomba entsha	4	3	4	1	😊	Ukusetshenziswa kwezinkundla zokuxhumana (Twitter, Facebook ne-LinkedIn) ngenhloso yokwenyusa isibalo sezethameli. Ukusetshenziswa kwezinkundla zokuxhumana zokwengeza okuyi-Instagram sikwenze ngenhloso yokufinyelela ezethamelelini ezisebenzisa lenkundla yokuxhumana.
		Isibalo sezindatshana ezikhishwe ezinkundleni zokuxhumana ezichaza nge- Playhouse Company – Ezibhaliwe nezisakazwayo	Inkomba entsha	29	3	299	296	😊	Ngesikhathi sokuhlela (ngoZibandlela/ ngoMasingana kowezi-2021), sehlisa okwakhosiwe kwezokuxhumana kowezi-2021/22. Lokhu kwakungenxa yongabazane olwalulethwa yimithetho yokuvalwa kwezwe. Ngalesi sikhathi (ngoMasingana kuya kuNdasa kowezi-2022) izwe lalingaphansi kwesigaba sokuqala (1) sokuvalwa. Lokhu kwenza isikhungo sakwazi ukwenyusa inani lemidlalo ekhonjiswa kanye ngaleyo ndlela ke kwaba nomthelela omuhle ekukhonjiseni kwe-The Playhouse Company ezinkundleni zokuxhumana.

Outcome	Outputs	Output Indicators	Audited Actual Performance	Audited Actual Performance	Annual Target	Actual Achievement for the year	Deviation from planned target to actual achievement	Achievement	Reasons for deviations
			2019/20	2020/21	2021/22	2021/22	2021/22	2021/22	2021/22
2. Izinhlelo zokweseka ukuze kuthuthukiswe imidlalo yeshashalazi kanye nabasebenza kwezobuciko	Ukuthuthukiswa ngamandla kwamathimba okuhloswe ukuthi esekwe, kubanda-kanya ukuthuthukiswa kwezobuciko kanye nabama-bhizinisi kwabazo-sebenza	Isibalo sentsha ethamele izinhlelo zokuthuthukiswa kwezobuciko ngonyaka	9 254	1 799	533	2,931	2,398	😊	Ngesikhathi sokuhlelwa kokuhlosiwe (ngoZibandlela/ ngoMasingana kowezi-2021), kwabekwa izibalo eziphansi ngokwakhlosiwe ngemidlalo yowezi-2021/22. Lokhu kungenxa yongabazana olwaludalwa yimithetho yokulwa kwezwe. Ngonyaka wezimali wezi-2021-2022 izwe belisebenza ezigabeni ezehlukahlukene. Lokhu kwenze lesi sikhungo sakwazi ukwenyusa inani lemidlalo edlala kanye esiteji.
2. . Izinhlelo zokweseka ukuze kuthuthukiswe imidlalo yeshashalazi kanye nabasebenza kwezobuciko	Ukuthuthukiswa ngamandla kwama-thimba okuhloswe ukuthi esekwe, kubanda-kanya ukuthuthukiswa kwabazo-sebenza kwezobuciko kanye nabama-bhizinisi	Isibalo sezinhlelo ezenziwe ukwelekelela ngezobuciko	1	1	1	3	2	😊	Ngesikhathi sokuhlelwa kokuhlosiwe (ngoZibandlela/ ngoMasingana kowezi-2021), kwabekwa izibalo eziphansi ngokwakhlosiwe ngemidlalo yowezi-2021/22. Lokhu kungenxa yongabazana olwaludalwa yimithetho yokulwa kwezwe. Ngonyaka wezimali wezi-2021-2022 izwe belisebenza ezigabeni ezehlukahlukene. Lokhu kwenze lesi sikhungo sakwazi ukwenyusa inani lemidlalo edlala kanye esiteji. Ngenxa ye-COVID-19, kwenziwa ezigcawu ngenhloso yokudala amathuba omsebenzi ukuze amaciko ekwazi ukuthola imali ngaphansi kwalezi zimo.

Outcome	Outputs	Output Indicators	Audited Actual Performance	Audited Actual Performance	Annual Target	Actual Achievement for the year	Deviation from planned target to actual achievement	Achievement	Reasons for deviations
			2019/20	2020/21	2021/22	2021/22	2021/22	2021/22	2021/22
		Isibalo Sezinhlelo Ezenziwe Zokulinga (Test Driving) zezobuciko	13	9	5	19	14	😊	<p>Ngesikhathi sokuhlelwa kokuhlosiwe (ngoZibandlela/ ngoMasingana kowezi-2021), kwabekwa izibalo eziphansi ngokwakhlosiwe ngemidlalo yowezi-2021/22. Lokhu kungenxa yongabazana olwaludalwa yimithetho yokuvalwa kwezwe. Ngonyaka wezimali wezi-2021-2022 izwe belisebenza ezigabeni ezehlukahlukene. Lokhu kwenze lesi sikhungo sakwazi ukwenyusa inani lemidlalo edlala kanye esiteji.</p> <p>Ngenxa ye-COVID-19, kwenziwa ezigcawu ngenhloso yokudala amathuba omsebenzi ukuze amaciko ekwazi ukuthola imali ngaphansi kwalezi zimo.</p>
	Izinhlelo zokungenelela ezihlosiwe ukwakha nokuthuthukisa izihlele kanye nobuciko obubukwayo	Isibalo sezinhlelo zezikole ezethuliwe	3	4	1	2	1	😊	<p>Ngesikhathi sokuhlelwa kokuhlosiwe (ngoZibandlela/ ngoMasingana kowezi-2021), kwabekwa izibalo eziphansi ngokwakhlosiwe ngemidlalo yowezi-2021/22. Lokhu kungenxa yongabazana olwaludalwa yimithetho yokuvalwa kwezwe. Ngonyaka wezimali wezi-2021-2022 izwe belisebenza ezigabeni ezehlukahlukene. Lokhu kwenze lesi sikhungo sakwazi ukwenyusa inani lemidlalo edlala kanye esiteji.</p>
		Semidlalo eyethulwe eSiteji Esingumahambanendlwana	72	0	5	0	(5)	😞	<p>Ngenxa ye-COVID-19, kwenziwa ezigcawu ngenhloso yokudala amathuba omsebenzi ukuze amaciko ekwazi ukuthola imali ngaphansi kwalezi zimo.</p>

Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali

Uhlelo	2021/2022			2020/2021		
	Isabelomali R'000	Okuyikho R'000	(Okunga phezulu)/ Okunga phansi R'000	Isabelomali R'000	Okuyikho R'000	(Okunga phezulu)/ Okunga phansi R'000
Ukuthuthukiswa Kwezamabhiuzinisi	33 187	31 807	1 380	27 763	24 988	2 776
Isamba	33 187	31 807	1 380	27 763	24 988	2 776

5. Imininingwane Yezezimali Ngokufingqiwe

5.1 Ukuqoqwa Kwezimali Ezingenayo

	2021/2022			2020/2021		
	Isabelomali R'000	Okuyikho R'000	(Okunga phezulu) /Okunga phansi R'000	Isabelomali R'000	Okuyikho R'000	(Okunga phezulu) /Okunga phansi R'000
Izibonelelo – Zokusebenza	53 866	53 866	0	50 862	49 634	1 228
Izibonelelo – Zokukhiqiza	8 574	8 574	0	5 944	6 444	(500)
Izibonelelo – Zemisebenzi Emikhulu	12 695	3 670	9 025	10 512	329	10 183
Imali engenile	3 600	3 727	(127)	4 000	4 116	(116)
Imali engeniswe yemidlalo	0	1 123	(1 123)	0	14	(14)
Imali yerenti	21	45	(25)	80	25	55
Ukuqashwa kwempahla yokulingisa, ukuhlobisa kanye nezinto zasiteji	0	0	0	0	1	(1)
Imali engeniswayizinto ezahlukene	8	192	(184)	0	80	(80)
Isitudiyo sokurekhoda	55	71	(16)	0	14	(14)
Imali engeniswe uxhaso	1 300	4 100	(2 800)	0	150	(150)
Isamba	80 119	75 368	4 751	71 398	60 807	10 591

5.2 Ukusetshenziswa Kwezimali Ngokwezinhlelo

Programme	2021/2022			2020/2021		
	Isabelomali R'000	Okuyikho R'000	(Okunga phezulu) /Okunga phansi R'000	Isabelomali R'000	Okuyikho R'000	(Okunga phezulu) /Okunga phansi R'000
Ezokuphatha	43 597	44 571	(974)	48 467	40 354	8 113
Ukuthuthukiswa Kwezamabhiuzinisi	33 187	31 807	1 380	27 763	24 988	2 775
Isamba	76 784	76 378	406	76 230	65 342	10 888

6. Imali Etshalelwe Imisebenzi emikhulu

	2021/2022			2020/2021		
	Isabelomali R'000	Okuyikho R'000	(Okunga phezulu) /Okunga phansi R'000	Isabelomali R'000	Okuyikho R'000	(Okunga phezulu) /Okunga phansi R'000
Impahla yasehlovisi	300	299	1	750	760	(10)
Amakhompyutha	755	506	249	1 025	1 488	(463)
Izakhiwo	50 099	1855	48 244	51 550	6 434	45 116
ISiteji kanye nenywe impahla	295	520	(225)	3 039	7	3 031
Isamba	51 499	3 180	48 269	56 364	8 690	47 674



My Teacher, My Friend



Community Art Mentorship Programme

Part C: Ukubusa

1. Isingeniso

Ukubuswa kwebhizinisi kuhlangukisa izinqubo nezinhlelo eqondiswa ngazo i-Playhouse Company nelawula iphinde iphendule ngazo. Ngaphezu kwezidingo zezomthetho okuncike kuzo imithetho esebenza ngaphansi kwayo i-Playhouse Company, indlela yokubusa yebhizinisi maqondana nayo isetshenziswa ngokulandela inqubo yoMthetho Wokulawulwa Kwemali kaHulumeni (PFMA) futhi yenziwa ngokuhambisana nemigomo equkethwe emBikweni ka-King maqondana Nokuphathwa Kwebhizinisi.

IPhalamende, Isigungu Esiphezulu kanye noHlaka Olubhekele Ukugcinwa Kwamabhuku Ezimali zezinhlelo zikahulumeni babhekele ukuphathwa kwebhizinisi.

2. Amakomidi abhekele Ukusebenza koMnyango

IKomidi lasePhalamende eliqondene Nezobuciko Namasiko liqapha ukusebenza koMnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko kanye nazo zonke ezinye izikhungo ezibika kulo Mnyango.

I-Playhouse Company ayibanga nayo imihlangano neKomidi Lesishayamthetho elibhekele Ezobuciko Namasiko.

3. Isigungu Esiphezulu

Kulo nyanga esikuwo, kwethulwe le mibiko elandelayo eMnyangweni Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko:

- Uhlelo Lonyaka Lokwenziwa Komsebenzi kowezi-2022/2023 (Annual Performance Plan 2022/2023)
- Isivumelwano Sezinhlelo Okusetshenziswa nazo kowezi-2022/2023 (Shareholders Compact 2022/23)
- Imibiko Yamakwata kaNhlangukisa yowezi-2021, uMandulo yowezi-2021, uZibandlela yowezi-2021 kanye noNdaso yowezi-2022

4. UMkhandlu

Kulo nyaka esiwubuyekazayo, uNgqongqoshe Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko uqoke uMkhandlu we-Playhouse Company. NgokoMthetho Wezikhungo Zezamasiko i-Cultural Institutions Act, izindaba zokulawulwa, ukwenganyelwa kanye nokuqondiswa kwesikhungo zingaphansi koMkhandlu.

Imisebenzi yoMkhandlu yilena:

- ukwakha inqubomgomo;
- ukuhlangukisa, ulondolozo uphinde uvikele yonke impahla igudlukayo nengagudluki ebhekwe yiwo, ebolekwe wona kumbe engeye-Playhouse Company;
- ukwamukela, ukuhlangukisa, ukulondolozo nokuvikela yonke impahla eqoqwayo (specimens and collection) enakekelwe yiwo ngaphansi kweSigaba 10 se- CI Act 10(1);
- ukukhulisa isikhwama se-Playhouse Company;
- ukulawula nokuphatha izimali ezamukelwa yi-Playhouse Company kanye nokusetshenziswa kwalezo zimali ukukhokhela imisebenzi eqondene nokwenziwa komsebenzi wawo;
- ukugcina amarekhodi empahla ye-Playhouse Company, nokuthumelela uMqondisi-Jikelele nanoma yikuphi okuzuziwe asuke edinga ukukuthola maqondana namabhuku ezezimali okumele agcinwe;
- ukunquma nokubhekela i-CI Act kanye negunya likaNgqongqoshe Kazwelonke, okuyiyona nhloso yesikhungo esigunyaziwe; kanye
- nokuqhuba izinhloso zesikhungo esigunyaziwe.

UMkhandlu unganquma izikhathi (amahora) kanye nemibandela umphakathi ongakwazi ukuhambela i-Playhouse Company ngaphansi kwayo.

UMkhandlu unamandla okuqasha abantu obona besemqoka ukwenza imisebenzi ye-Playhouse Company. Ukunqunywa kwamaholo kanye nemigomo nemibandela yokusebenza kumele imiswe ngokuhambisana nohlelo oluvunye nguNgqongqoshe Kazwelonke ngokuxhumana noNgqongqoshe Kazwelonke Wezezimali.

Ukwakheka koMkhandlu

Igama	Usuku Lokuqashwa	Iziqu Zemfundo	Umkhakha Agxile kuwo	Isibalo Semihlangano ehanjelwe	Inkokhelo
UNk Khwezi BL Kunene USihlalo woMkhandlu	9 kuZiba-ndlela 2020 kowezi-2020	BSc Property Development Post Graduate Diploma - Leadership Development Corporate Project Management Certificate	Ungoti Kwezokuhlaziyo amasu okusebenza Risk Analysis & Management; Excellent Post Communication Skills & negotiation skills; Design Thinking Facilitator; Knowledge & experience in Corporate Governance; Ulwazi lwe-PFMA Act, PPPFA, Corporate Cultural Institutions Act; Financial planning & Feasibility studies; Quantity surveying & Cost Engineering; Infrastructure Project & Contracts management	8	124 419
UMnu Dumisani Ngema USekela Sihlalo woMkhandlu	9 kuZiba-ndlela kowezi-2020	Bachelor of Arts	Ezokuxhumana(ngokubhaliwe nangokukhuluma); Report writing, logical thinking; problem solving and decision making; Effective Stakeholder engagement and management; People management and development (including mentoring and coaching); Ability to build collaborative relationships and interact at a high level	8	82 219
UNk. Thandeka Mngadi	9 kuZiba-ndlela kowezi-2020	BA Humanities MA Humanities	Administration; Human Resource Management; Organisational Development; Performance Management; Project Management; Facilities & Property Management	8	76 907
UDkt Rajendran Govender	9 kuZiba-ndlela kowezi-2020	PhD (Human Sciences) (isiZulu/Social Anthropology) M.A (Cum Laude) (Human Sciences) (isiZulu/Social Anthropology) B.A (Honours) Developmental Studies B.A.	Strategic planning, team building/ leadership; knowledge of PFMA and Budgeting & Financial management; Human Resource management; Programmes and project management; Operational management, facilities management, stakeholder management; communication and report writing	8	50 518
U-Adv. Motlatjo Ralefatane	9 kuZiba-ndlela kowezi-2020	B. Proc Bachelor of Laws (LLB)	Ungoti kwezokuphathwa kwamabhzinisi i-corporate governance, strategy development; ethics; education and training; The Public Finance Management Act; Problem solving and Compliance; Experience and skills in the Legal kanye nezindaba zabasebenzi	8	73 892
UMnu Sicelo Dlamini	9 kuZiba-ndlela kowezi-2020	Public Management (current) Information Technology- (current)	Strategy Leadership & Management; Finance Management; Human Resource; Project Management; Leadership and Governance; Recruitment and Selection	6	55 744
UNks Tholakele Dlamini	9 kuZiba-ndlela kowezi-2020	Degree in Information Science (Mass Media and Communication)	Business Development; Client Liaison and Relations Management; Large scale recruitment Development and Training; Electoral Material supplies and Logistics; Human Resources Policies Development; Media Relations and Promotions; Cultural and Heritage Tourism; Community Tourism Development	8	50 518

Amakomidi eBhodi

Amalungu	IKomidi Lezezimali Nokuthengwa Kwempahla	IKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa	IKomidi Lezabasebenzi	IKomidi Lezobuciko Nokukhulisa Isikhwama
UNk. Khwezi BL Kunene USihlalo woMkhandlu				✓
UMnu. Dumisani Ngema USekela Sihlalo woMkhandlu	✓			✓
UNk. Thandeka Mngadi			✓	✓
UDkt. Rajendra Govender	✓			✓
U-Adv. Motlatjo Ralefatane	✓		✓	
UMnu. Scelo Dlamini	✓		✓	
UNk. Tholakele Dlamini		✓		

5. Ukulawulwa Kwezimo Ezingcuphe

I-Playhouse Company inenqubomgomo ebhekele izimo ezingcuphe okuyiyona ekhomba indlela yenqubo yokuhlonza nokulawula izimo ezingcuphe. Le nqubomgomo ibuyekwezwa minyaka yonke. Ukulawulwa kwezimo ezingcuphe kuwuhlelo lapho iSikhulu Esiphezulu Kwezezimali, iSikhulu Esiphezulu kanye nabaphathi ezingeni eliphezulu be-Palyhouse Company besukuma khona ngenhloso yokuhlonza khona izimo ezingcuphe esezivele zikhona nezibukeka zingavela ebhizinisini nakwezezimali bese beqhamuka nezindlela ezifanele nezingambi eqolo zokubhekana nalezi zimo ezingcuphe.

KUsemqoka kwi-Playhouse Company ukulawula izimo ezingcuphe ukuze ikwazi ukuphelelisa umsebenzi ejutshelwe wona ngokuhambisana nalokho okulindelwe umphakathi kanye ne-DAC maqondana nokwenziwa komsebenzi.

Ibuyekwezwa njalo ngonyaka irejista yezimo ezingcuphe emva kokuba sekube neziwombe zokuhlonzwa kwezimo ezingcuphe nabaphathi kanye nazo zonke izinhloko zezokubusa. Irejista yezimo ezingcuphe iyona ehlahla indlela yohlelo lweminyaka emithathu lokucwaningwa kwamabhuku olubuyekwezwa luphinde lugunyazwe yiKomidi Elibhekele Ukucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa kanye noMkhandlu.

Inqubekela phambili maqondana nokwenziwa ngcono kokuhlonzwa kwezimo ezingcuphe iqashelwa nyanga zonke emihlanganweni yabaphathi.

6. UPhiko Olubhekele Ulawulo Lwangaphakathi

Ukulawula kwangaphakathi kungumsebenzi wemenenja ngayinye. Sinezinqubomgomo nezinqubo ezisetshenziselwa ukumisa ukulawula kwangaphakathi, izinqubomgomo zibuyekwezwa njalo ngonyaka ukuqinisekisa ukuthi zisalungele ukusebenza ngokwemithetho nemithethonqubo.

Abaphathi basebenzisa lokho okusuke kutholwe ngabacwaningimabhuku maqondana nokulawula kwangaphakathi ukuze benze ngcono indlela okwenziwa ngayo ekulawuleni kwangaphakathi..

7. UMsebenzi Wokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi

I- Playhouse Company inoMqulu Wezokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi obuyekwezwa njalo ngonyaka.

UMqulu Wezokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi wenzelwa ukuba ukuchazwe isimo sesikhungo, izinjongo, igunya nezibopho zokuthola abazimele abazokwenza umsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi. Umsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi wenziwa ngokulandela izihlinzekelo zeSigaba 3.2 seMithethonqubo kaMgcnimafa kanye nesigaba 38(1) (a)(i) no-76(4)(e) se-PFMA futhi yiyona nsika yokubuswa kwe-Playhouse Company.

Inhloso-ngqangi yomsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi e-Playhouse Company ukunikeza isiqiniseko nesaluleko esizimele maqondananezinhlalo zolulawula kwangaphakathi, ukulawula izimo ezingcuphe kanye nezinqubo zokubusa kanjalo nokwenziwa komsebenzi e-Playhouse Company ngokwemithetho, imithethonqubo nezinqubomgomo ezikhona.

Kafushane ngokuxhumana okube khona ngalo nyakamali ngokuhambisana nohlelo oluvunyiwe lokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi:

1. Ukubuyekwezwa kwemali esetshenziselwe ukulwa ne-Covid
2. Ukubuyekwezwa kokulawulwa Kwempahla
3. Ukubuyekwezwa Kokuphathwa Kwezezimali

4. Ukubuyezwa Kokusebenza Ngempumelelo kwe-Business Plan
5. Ukubuyezwa kokuhambisana ne-PAYE
6. ukubuyezwa kweziNjongo Ezazinqunywe Ekuqaleni
7. Ukubuyezwa Kwemiqulelo Yamakomidi oMkhulu ama-Council Committee Charters
8. ukubuyezwa kwaMaqhinga Okucwaningwa Kwamabhuku Okwenziwa Ngamakhompyutha
9. Ukulandelela ezintweni ezatholakala ekucwaningweni kwamabhuku kwangaphakathi

8. IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokubusa

I-Playhouse Company inoMqulu weKomidi Elibhekele Ukucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa okubuyezwa njalo ngonyaka.

Inhloso-ngqangi yeKomidi Elibhekele Ukucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa ukwelekelela uMkhandlu lapho wenza imisebenzi yawo maqondana nokuvikela impahla, izinhlelo zokusebenza ezenele, izinhlelo zokulawula kanye nokwenziwa kombiko oyiqiniso wezezimali kanye nezitatimende ezihambisana nazo zonke izidingo zemithetho kanye namazinga ezokugcinwa kwamabhuku ezezimali.

IKomidi elibhekele Ukucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa:

1. lengamela, lididiyele libuye lihlole iqophelo lokucwaningwa kwamabhuku okwenziwa ngabacwaningimabhuku bangaphakathi nabangaphandle;
2. linakekela abacwaningimabhuku bangaphakathi nabangaphandle ngokuthi lihlele imihlangano, livule izindlela zokuxhumana noMkhandlu ukuze kwabelwane ngemibono neminingwane, ngokunjalo kuqinisekise igunya nezibopho;
3. lisebenza ngokuzimela nangokungachemi ukuze libuyezwe imininingwane yezezimali eyethulwa ngabaphathi;
4. Libuyezwe ukufaneleka kwemibiko kanye nezindlela zokulawula ukugcinwa kwamabhuku ezezimali ezikhona, futhi
5. lihlinzeka ngezindlela zokuxhumana phakathi kwabacwaningimabhuku bangaphakathi nabangaphandle kanye noMkhandlu.

9. Ukulandelwa Kwemigomo yeMithetho kanye Nemithethonqubo

I- Playhouse Company, ngokweSigaba 4 soMthetho Obhekele Izikhungo Zezamasiko, iyingxenye yohlaka olwenzwa ibhizinisi ngendlela, i-Playhouse Company, uMkhandlu kanye nawo wonke amalungu kudingeka alandele imigomo yekubuswa kwebhizinisi okuhle kanye nayo yonke imithetho nemithethonqubo.

I-Playhouse Company ilawula imibiko nmaqondana nokulandelwa kwemigomo yemithetho nemithethonqubo njalo ngekota. Selwakhiwe uhlu lokuhlola ukuthi iyalandelela yini imigomo ye-PFMA bese kuthi lapho ingalandelwanga khona kubikwe eMkhandlwini namakomidi angaphansi kwamakomidi oMkhandlu.

10. Ukukhwabanisa Nenkohlakalo

I- Playhouse Company inohlelo lokulwa nokukhwabanisa nenkohlakalo. Lolu hlelo lubuyezwa njalo ngonyaka. Lolu hlelo lubhekele imisebenzi yokunqanda ukukhwabanisa ngaphakathi e-Playhouse Company.

Izinhloso-ngqangi zohlelo:

1. ukuhlinzeka ngomhlahlandlela wokunqanda, ukuhlonza kanye nokubika izenzo zokukhwabanisa;
2. ukwakha isiko lapho bonke abasebenzi nababambiqhaza beqhubeka nokuziphatha ngendlela efanele lapho benza imisebenzi yabo yase-Playhouse Company;
3. ukugqguzela bonke abasebenzi nababambiqhaza ukuba balwele ukunqanda nokukhomba inkohlakalo enomthelela omubi kumbe engahle ibe nomthelela omubi kwi- Playhouse Company to impact on The Playhouse Company;
4. ukugqguzela bonke abasebenzi nababambiqhaza ukuba babike izenzo ezisolisayo zenkohlakalo bengesabi ukuthi bangahle babe senkingeni; kanye
5. nokuhlinzeka ngendlela eqondile yokwaba imisebenzi nezibopho.

11. Ukunciphisa Ukushayisana Kwezintshisekelo

Abaphathi kanye nabasebenzi bophiko lwezezimali bagcwalisa ifomu lesimemezelo sonyaka sokudalula izintshisekelo. Abaphathi kanye nabasebenzi bayagqguzelwa ukuba balungise ifomu zikhathi zonk euma kuba khona izinguquko ezimweni.

I-Playhouse Company ineNqubomgomo Yokuziphatha okuyiyona elawula abasebenzi ezimweni lapho kubukeka kungahle kube khona ukushayisana kwezintshisekelo.

12. Inqubo Yokuziphatha

I-Playhouse Company ineNqubomgomo Yokuziphatha kanye neNqubomgomo Yenqubo Yendlela Yokuziphatha elawula abasebenzi maqondana nenqubo yendlela yokuziphatha emsebenzini.

INqubomgomo Yenqubo Yendlela Yokuziphatha ikhonjisiwe emabhodini ezaziso akhona e-Playhouse Company.

Uma kuthathwa izinqubo ngokumele kwenziwe kunqunywa nangalokhu okwakha indlela yokuziphatha komuntu, abasebenzi kumele baqaphele futhi balalwulwe:

- yizinqubomgomo zenkampani;
- yimithetho yezwe;
- yizindlela ezamukelekile ezweni zokuziphatha kanye nemazinga; kanye
- isimilo sabo namagugu

Uma kukhona izenzo eziphambana nalokhu okubalwe ngenhla, kusobala ukuthi kuzothathwa ngokuthi akusiyona indlela efanelekile yokuziphatha.

Uma kutholakala ukuthi kunomsebenzi ophambane neNqubomgomo Yokuziphatha kanye/noma iNqubomgomo Yenqubo Yendlela Yokuziphatha, kuzomele kusetshenziswe inqubo eyaziwayo yezabasebenzi yokwedlulisa izikhalo kaye nokuqondisa ubugwegwe.

13. Izindaba ezimaqondana nezeMpilo, Ezokuphepha kanye Nezemvelo

I- Playhouse Company iqhuba umsebenzi wonyaka wokuhlola ukulandelwa kwemigomo yemithethonqubo ebhekele ezempilo nokuphepha. Umphumela wophenyo uveza ukuthi i-Playhouse Company yenza okufanele ukulandela le migomo.

Ukulandelwa kwemigomo yemithethonqubo ebhekele ezempilo nokuphepha ingenye yezinkomba ezinqala ohlelweni lokwenziwa komsebenzi kaMeneja obhekele iMisebenzi Yokweseka.

I- Playhouse Company iyilandela ngokuphelele imigomo yemithethonqubo bhekele ezempilo nokuphepha.

14. ISibopho Emphakathini

Impokophelo ye-Playhouse Company ukwenza ngcono, ukukhuthaza nokulondoloza ezobuciko obudlalwayo ngokuthi ukhombise ngemidlalo ejabulisayo iphinde ifundise ezihlweleni ezehlukahlukene.

I- Playhouse Company ibuka impokophelo yayo ingumsebenzi wokwelekelela oyisibopho emphakathini.

Uhlelo lwezobuciko lwe- Playhouse Company luhlose ukufezekisa isibopho sayo emphakathini.

Kuzona zonke izinhlelo okuhloswe ngazo ukufezekisa isibopho emphakathini, isiteji esingumahambanendlwana sisetshenziselwa ukusondeza izinhlelo zokufinyelela emphakathini ezindaweni zasemakhaya lapho abantu abangakwazi ukufinyelela emashashalazini ethu ukuzobukela imidlalo. Abanye balabo bantu basuke beyibona okokuqala ngqa imidlalo yethu, bahlabeke umxhwele.

15. Umbiko Wekomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku

IKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa (iKomidi), lethula umbiko walo wezezimali wonyakamali ophela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2022.

Amalungu eKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa kanye Nokuhanjelwa Kwemihlangano

IKomidi lakhiwe ngamalungu amahlanu abhalwe ngezansi futhi kulindeleke ukuthi lihlangeane kane ngonyaka njengokwemigomo elithathela kuyo. Ngalo nyaka kubanjwe imihlangano emine .

Ukwakheka kweKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa

Isikhathi seKomidi saqala mhla ziyishumi nambili (12) kuNdasa wezi-2021 saphela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2022.

Igama	Iziqu Zemfundo	Owangaphakathi noma Owangaphandle	Usuku Lokuqashwa
UNk. Charmaine Jugnarayan <i>USihlalo weKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa</i>	CA (SA), RA	Owangaphandle	12 kuNdasa 2021
UNk Nosipho Mchunu	CA (SA), RA	Owangaphandle	12 kuNdasa 2021
UMnu Jesiah Abia Litheko		Owangaphandle	12 kuNdasa 2021
UNk Tholakele Dlamini	Degree in Information Science (Mass Media and Communication)	Owangaphakathi	12 kuNdasa 2021

Amalungu amasha eKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa aqokelwa isikhathi esiyiminyaka emithathu (3) esiqala mhla lulunye (1) kuMbasa wezi-2022 siphela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2025 kanti-ke imininingwane yalwa malungu imi kanje:

UMnu. Bhekabantu W Ngubane: uSihlalo weKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa, uMnu. Zanaxolo Koyana kanye noDkt. Joy Ndobvu

Isibopho Sekomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku Nokubusa

IKomidi libika ukuthi liyilandelele imigomo yesibopho salo esivezwe eSigabeni 38 (1)(a) soMthetho Wokulawulwa Kwezezimali zikaHulumeni No.1 we-1999 kanye neMithethonqubo kaMgcinimafa 3.1. IKomidi liyabika futhi ukuthi lamukele imihlahlandlela efanele ukuthi kube yiyo eliyilandelayo lapho liqhuba umsebenzi walo wokuCwaningwa Kwamabhuku Nokubusa, wonke umsebenzi walo liwenze lilandela imigomo yalolu mqulu. Umqulu ubuyekezwa minyaka yonke futhi lwamukelwa yiKomidi uma selugunyazwe uHlaka Olubhekele Ukugcinwa Kwamabhuku Ezezimali.

Ukucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi

IKomidi lididiyela liphinde liqaphe imisebenzi yophiko olubhekele ukuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi. Ngalolu hlelo, iKomidi liyakwazi ukubika ngempumelelo yokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi. Umsebenzi wokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi kanye nokusebenza kwanikezwa abangaphandle kulo nyakamali obuyekezwayo.

IKomidi liyibhekile irejista yezimo ezingcuphe esuselwe ohlakeni lokulawulwa kwezimo ezingcuphe kanye nenqubomgomo eyavunywa uHlaka Olubhekele Ukugcinwa Kwamabhuku Ezezimali . IKomidi libuyekeze laphinde lamukela uhlelo lweminyaka emithathu lwesokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi. IKomidi ligculisekile ngempumelelo yomsebenzi wokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi

Impumelelo Yokulawula Kwangaphakathi

IKomidi liyihlolile impumelelo yokulawula kwangaphakathi laphinde labuyekeza inqubo yohlelo lokuhlola izimo ezingcuphe kanje:

- ngokwethamela umhlangano wokucobelelana ngolwazi nabo bonke ababambiqhaza abasempoka kwezokuhlola kwezimo ezingcuphe;
- ngokubhekela impumelelo kwenqubo ye-company yokuhlola izimo ezingcuphe okuyinto eyenziwa ngaBaphathi njalo njalo;
- ngokuqapha ukulandelela inqubo maqondana nokutholwe abacwaningimabhuku okudinga ukulungiswa ukuqinisekisa ukuthi lokho okutholakele kuyalungiswa futhi kumbiwe ezimpandeni zakho;
- ngokufuna isiqinisekiso kuBaphathi sokuthi kukhona osekwenziwe maqondana nezinto ezitholwe ngabacwaningimabhuku; kanye
- nangokunikeza umkhombandlela nezeluleko kuBaphathi kanye noHlaka Olubhekele Ukugcinwa Kwamabhuku Ezezimali ekuqiniseni izinqubo zokuphatha kanye nemininingwane yokwenziwa komsebenzi ngesikhathi sibuyekeza imibiko yamakota wonke.

IKomidi libuyekeze imibiko yokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi, lapho kube khona ubuthaka obuhlonziwe kwi-Company labe selibhekela izimpundo zabaphathi ukuqinisekisa ukuthi liyehliswa izinga lokuvuleleka ezimweni ezingcuphe kube khona ukuqhubeka kokwenziwa ngcono ukulawula isimo.

IKomidi ligculisekile ngkuthi i-Company isaqhubeka nokugxila ekugcineni amazinga okulawula kwangaphakathi emahle futhi enempumelelo.

IKomidi liyavumelana nabacwaningimabhuku ukuthi ukulawula kwangaphakathi kwaba nempumelelo futhi kungethenjwa kanye nanoma yikuphi okubikwe ngakho ngabacwaningimabhuku bangaphakathi kulo nyaka akuvezanga lutho oluyinkinga.

Ukuphathwa kwemibiko yanyanga zonke neyamakota wonke ethunyelwe ngokwe-PFMA kanye ne-Division of Revenue Act kwenziwe ngendlela eyiyo ngokwendlela yokuqapha kanye nemiphumela yokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi..

UKuphatha Kwanonyaka kanye Nombiko Wanyanga/Makwata Wonke

The Playhouse Company has submitted the monthly reports to FINCO and the Audit and Governance Committees timeously and has submitted the quarterly reports to the Department of Sport, Arts and Culture as is required by the PFMA.

Ukuhlolwa Kwezitatimende Zezezimali

IKomidi:

- libuyekeze imibiko yamakota wonke kubandakanya nezitatimende zezezimali ukuqinisekisa ukuthi zenziwe ngendlela efanayo futhi imininingwane ekuzo iyiqiniso;
- liyibhekele indaba yokufaneleka, ukugunyazwa kanye nokusetshenziswa ngendlela efanayo kweNqubo Yokusebenza Kokugcinwa Kwamabhuku Ezezimali Evunywe Ngokujwayelekile eyamukelwa uHlaka Olubhekele Ukugcinwa Kwamabhuku Ezezimali;
- liyibhekele indaba yeqophelo eliphezulu kanye nokugcinwa kwesikhathi ukuthumela imininingwane yezezimali eKomidini ukuze likwazi ukucubungula libheke isimo unyaka usaqhubeka;
- libuyekeze izitatimende zezezimali ze-Company zonyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2022 futhi ligculisekile ukuthi ikwazile ukulandela imigomo yezihlinzekelo zoMthetho Wokulawulwa Kwezezimali zikaHulumeni kanye neNqubo Yokusebenza Kokugcinwa Kwamabhuku Ezezimali Evunywe Ngokujwayelekile;
- libuyekeze uMbiko Wezokuphatha kaMcwanningimabhuku-Jikelele kanye nezimpendulo zabaPhathi; futhi
- libuyekeze uMbiko kaMcwanningimabhuku-Jikelele laqaphela ukuthi akukho okutholakele okudinga ukulungiswa ezitatimendeni zezezimali kanye nasemininingwaneni ngokwenziwa komsebenzi.

Umbiko kaMcwanningimabhuku

IKomidi lithokozile ukubika ukuthi i-Company ithole umbiko ongenagcobho kamacwaningimabhuku.

IKomidi liyavumelana futhi liyasamukela umbono kaMcwanningimabhuku-Jikelele maqondana nezitatimende zezezimali futhi yingakho iKomidi linombono wokuthi izitatimende zezezimali esezicwaningiwe zamukelwe futhi zifundwe kanye nombiko kaMcwanningimabhuku-Jikelele.

IKomidi lithatha leli thuba ukuhalalisela uMkhandlu kanye Nabaphathi ngemizamo yabo kanye nokuzinikela ekutheni bazuze umbiko ongenagcobho kuMcwanningimabhuku-Jikelele iminyaka eyishumi ilandelana, futhi lithanda ukwedlulisa ukubonga kwalo ngokwesekwa elikutholayo kanye nezingoxo ezakhayo oba nazo neKomidi.



Mr B Ngubane

Chairperson: Audit and Governance Committee

16. Iminingwane Emaqondana Nokuhambisana Nokusebenza Kwe-B-BBEE

NgokweSigaba 13(G)(1) soMthetho Wokuthuthukiswa Okwenatshiselwe Kubantu Abamnyama Kwezomnotho (Broad-Based Black Economic Empowerment Act), uMthetho No. 53 wezi-2003 njengalokhu wachitshiyelwa nguMthetho No. 46 wezi-2013

Igama loMkhakha kaHulumeni/uHlaka lukaHulumeni:	The Playhouse Company
Inombolo Yokurejista (Uma ikhona):	ayikho
Ikheli Lendawo:	29 Acutt Street, Durban, 4001
UHlobo loMkhakha kaHulumeni/uHlaka lukaHulumeni:	Schedule 3A Public Entity reporting
Imboni Yenhlango/Umkhakha	Ubuciko Obudlalwayo

Ngabe uMkhakha/uHlaka lukaHulumeni luyilandelile yini iNqubo Elungile Yendlela Yokuziphatha (B-BBEE Certificate Levels 1 – 8) maqondana nalokhu okulandelayo:		
Izindlela ezisetshenziswayo	Ipendulo Yebo noma Cha	Ingxoxo (faka nengxoxo emaqondana nempendulo yakho uphinde usho nokuthi zinyathelo zini esezithathiwe ukuze kuhanjisiwane nale nqubo ye-B-BBEE
Ukunquma ngezindlela ezizolandelwa lapho kukhishwa amalayisense, izimvume kanye nokunye okugunyazwa maqondana nemisebenzi yezomnotho ngokwanoma yimuphi umthetho	Cha	Lokhu akuyithinti i-Playhouse Company
Ukwenza kanye nokuqalisa kokusebenza kwenqubomgomo ye- preferential procurement	Yes	Izidingoze-Preferential Procurement zifakiwe kwiNqubomgomo Yezokuthengwa Kwempahla Nemisebenzi ekhona e-Playhouse Company
Ukunquma ngezindlela okumele zilandelwe lapho kuqinisekiswa amabhizinisi kahulumeni afanelekile ukuthi adayiswe	Cha	Lokhu akuyithinti i-Playhouse Company
Ukusungula izindlela okumele zilandelwe uma kwenziwa izivumelwano zokusebenzisana nabomkhakha wababhizinisi azimele	Cha	Lokhu akuyithinti i-Playhouse Company
Ukunquma ngezindlela okumele zilandelwe uma kukhishwa imiklomo, izibonelelo kanye nezinhlelo zokutshalwa kwezimali ukweseka uhlelo lwe-Broad Based Black Economic Empowerment	Cha	Lokhu akuyithinti i-Playhouse Company

Part D: Ezokuphathwa Kwabasebenzi

Isu lenkampani Lokusebenza elimaqondana Nokuphathwa Kwabasebenzi kuhloswe ngalo ukweseka nokwelekela izidingo ze-HR yenhlango ngokungenelela nendlela ehlelekile ngaso sonke. Lokhu kubandakanya Ukuqasha Nokuhlunga, Ukuthuthukiswa Kwamakhono, Ubudlelwano Nabasebenzi, Ukulawulwa Kokwenziwa Komsebenzi kanye Nokuhleleka Nokuthuthukiswa Nokuhleleka Kwenkampani.

Uhlelo Lonyaka Lokwenziwa Komsebenzi luhlonza ukuthi ukuba nabasebenzi abanolwazi, amakhono futhi abakhiqizayo kusemqoka ekufezekiseni izinjongo jikelele zenkampani. Ngenhlanhla, abasebenzi bethu be-HR banolwazi olunzulu, futhi bazimisele ukufezekisa izinjongo zoMnyango.

UMnyango ugxile kule minxa elandelayo Yokuphathwa Kwezindaba Zabasebenzi:

- amaphesenti ezikhala zezikhundla ezixhasiwe ngokwezimali
- amaphesenti ohlelo lwezoqeqesho olwenziwe onyakeni
- isibalo sabaqeqeshwayo

Kulo nyaka obuyekwayo, inkampani ibinesabelomali esiphasisiwe sezikhundla ezingamashumi ayisishiyagalombili nane, kanti-ke amashumi ayisithupha nesithupha alezi zikhundla zigcwaliswa ngabasebenzi abaqashwe ngokugcwele. Lo nyaka wezimali ube nomehluko kuneminye iminyaka ngenxa ye-COVID- 19. Kuzo zonke izigaba zezikhundla, izizathu zokushiya kwabasebenzi bezingaphezu kwamandla e-Company. Ngenxa yenqubo yokwehliswa kwezindleko, kugcwaliswe izikhundla ezibucayi kuphela ngabasebenzi abaqashwe ngokugcwele. Ngale kwalokho, i-Company iqashwe abasebenzi abayitho nokuyinto engabanga nemiphumela emibi.

I-Company ibe nempumelelo futhi ekwenzeni ngcono ukumeleka kwabesifazane kule nhlangano, nokuyilapho yenyuse khona isibalo kuyo yonke imikhakha sisuka kuma-41% ayebikwe ngokwedlule, safinyelela kuma-50% kulo nyaka obuyekwayo njengamanje.

I-Company ihlala njalo ihambisana nemithetho yokubika maqondana nokuqasha ngokulingana, isebenzisa izimiso zokuqasha ngokwenzelwa kubasebenzi bobubulili obehlukene kanye nabezinhlanga ezehlukene.

I-Company isebenzisa i-1 % (iphesenti elilodwa) lesabelomali sonyaka semihlo ukuthuthukisa amakhono, nokuyilapho for abasebenzi behlinzekwa ngamathuba ahlosiwe okuqeqeshwa. Kwahlelwa kwaphinda kwenziwa uqeqesho oluqondene nezempilo nezeokuphepha, Governance, ukuhambisana nemithetho ebekiwe, izifundo zekhompyutha, ezentela, ezokukhangisa kanye nokubhalwa kwezitatimende ezikhishelwa abezindaba.

Ukulelwa kwabasebenzi kusho ukufaka abasebenzi abanamakhono afanele emisebenzini ebafanele ngezindleko ezifanele. Kuyinselelo ukuheha abantu abanamakhono esimweni lapho beyingcosana abantu abanamakhono. Ukuheha kanye nokuqasha abasebenzi abanamakhono nabawaziyo umsebenzi sikwenza ngokulandela Inqubomgomo Yokuqasha Nokuhlunga ngokunjalo Nohlelo Lwezokuqasha i-Company's Recruitment and Selection Policy and Employment Equity Plan.

Sisanda kwenza ngcono izinhlelo zethu zokuqasha ngokusebenzisa izindlela ze-online, nokuyinto enikeza wonke umuntu ithuba lokufaka izicelo nanoma ngabe ukusiphi isifunda. Sisungule i-online job portal ezokweseka izindlela ezijwayelekile zokuqasha ezisetshenziswa yi-Company. Le Job portal esithola kwi-webhusaythi ye-Company yazisa abangena kuyo ngezikhala zomsebenzi. Le nkundla yokuxhumana isikhombise ukuba yimpumelelo.

Njengengxenywe yomnikelo we-Company ekunciphiseni ukwentuleka kwemisebenzi kanye nokuthuthukisa amakhono kubantu abasha, bayisikhombisa abantu abasha esibanikeze uqeqesho olubizwe nge- 'on-the-job' training. Lolu hlelo lwenzela esivivaneni sabasebenze bethu bakusasa .

Ukulumbanisa ukusimama kwenkampani nokomuntu ngamunye nokukhiqiza kanye nokuphucula okwenziwe ekulethweni kwentuthuko, i-Company ihlinzeke ngosizo oluyimfihlo kubasebenzi abakhahlaneyenze kakhulu wubhubhane lwe-COVID kulo nyaka obuyekwayo.

UMnyango obhekele Izindaba Zabasebenzi uqinisekisa Izinqubomgomo ze-HR zihambisana nesikhathi ngokuhlala uzibuyekeza zikhathi zonke ukuze zihambisane nemithetho eshayiwe eqondene. Nakuba izinqubomgomo ezithile zibuyekeziwe, azikho izinqubomgomo ezintsha ezenziwe futhi azikho izichibiyelo zezinqubomgomo eziphasiswe.

I-Company inobudlelwano obuhle nezinyunyana zabasebenzi. I-Company inesivumelwano nenyunyana i-SACCAWU, kanti-ke izingxoxo ezimayelana nemibandela esemqoka yokuqashwa zaphothulwa ngoNcwaba , nokuyilapho bonke abasebenzi benyuselwa imihlo ngokulingana neyomkhakha abakuwona nakuba kubhekwe nesimo esinzima sezomnotho.

Awabanga bikho amacala asenkantolo yezabasebenzi i-Labour Court. Icala elilodwa ladluliselwa e-CCMA ukuze ikhiphe isinqumo. Emacaleni amabili asingathiwe okungaziphathi kahl, abasebenzi ababili banikezwe izigwebo zokuthi bengatholalaki benamacala afanayo.

1. Impumelelo Yophiko olubhekele

Naphezu kwezinsalelo ze-COVID emsebenzini, sikwazile ukwenza lokhu okulandelayo ngempumelelo:

- Sahlelemba Uhlelo Lwezempilo Nezokuphepha i-Health and Safety Programme ngenhloso yokubhekelela isimo se-COVID-19 enkampanini
- Sahlelelwa abasebenzi ukuba bekwazi ukusebenzela emakhaya
- Sasungula uhlelo lokuqasha Online
- Senza kwabe nesiko lokuthi kube nomuzwa wobumnandi endaweni yokusebenza
- Safezekisa izinjongo zohlelo lokuqeqesha
- Senza izinhlelo zokungenelela eziqondene nomuntu ngamunye
- Senza kwaba nokuthula phakathi kwe-Company nezinyunyana zabasebenzi

Ezinye zezinsalelo ze-HR Isikhungo esibhekene nazo zibandakanya:

- Abasebenzi asebebadala futhi abanezinga eliphansi lemfundo nokungelula ukuthi baqeqesheke, ngaleyo ndlela-ke abakwazi ukubhekane nenselelo yokusebenzisa ubuchwepheshe besimanje kanye nokusetshenziswa kwemishini ezenzelayo umsebenzi endaweni yokusebenza
- Ukulawula amathemba abasebenzi okuthi i-Company ivale igebe elidalwa ukuthi uhulumeni akakwazi ukufeza izifiso zabo maqondana nezidingo zezenhlalo kanye nezezimali, uma kuncipha imali yezibonelelo
- Ukuheha kanye nokugcina abantu abanamakhono abalulekile njengoba ezobuchweshe zidlondlobala kule mboni lapho uqeqesho oluhlelekile luyivela kancane
- Ukuthi ingasetshenziswa kancani imishini ukwenza umsebenzi wansuku zonke ngaphandle ngokubeka imisebenzi yabantu engcupheni
- Ukwenyuka ngesivini kwezindleko ezimaqondana nezabasebenzi

I-Company izobheka izindlela zokuqhubeka nokuqalisa izinhlelo ezizokweleleka empilweni enhle yabasebenzi jikelele ziphinde futhi zidale isimo esihle sokusebenza ngokuthi kubhekelelwe inhlalakahle yabasebenzi kanye nangokusebenzisa ezinye izinhlelo zokungenelela.

Ekubhakaneni nesihlaba esiqhubekayo sodlame lwangokobulili, i-Company izoqinisa inqubomgomo yayo emaqondana Nokuhlukumeza ngokuhambisana nemigomo equkethwe kwi-Code of Good Practice ekhuluma Ngokuhlukumeza kanye Nodlame Endaweni Yokusebenza. Bonke abasebenzi bazoqeqeshwa ngale nqubomgomo entsha.

Kubalulekile ukuthi i-Company iqhubeke nokwakha kanye nokugcina ubudlelwane obuhle phakathi kwabasebenzi nomqashi endaweni yokusebenza. Izoqhubeka imihlangano esihlala siyibamba nabamele Izinyunyana Zabasebenzi.

Uhlelo lokula ukwenziwa komsebenzi lusemqoka kunanoma iyiphi inhlangano esebenza kahle. I- Company izofuna izindlela zokuthuthukisa uhlelo lwethu lokula ukwenziwa komsebenzi oluzobhekelela bonke abasebenzi.

Umnyango we-HR uyaqhubeka nokuqinisa izinqubomgomo ezivele zikhona , izinqubo kanye nezinhlelo, ngenhloso yokuphoqelela izinhlelo zethu ezimaqondana nokuqasha ngokunjalo nokuthuthukisa kanye nokugcina abasebenzi ngendlela engachemile neyasekela abasebenzi.

2. Izibalo Ezimaqondana Nokuqapha Ezokuphathwa Kwabasebenzi

Izibalo ezimaqondana nabasebenzi

Izindleko Zabasebenzi Ngokohlelo Ngalunye

Uhlelo Injongo	Isamba Sezindleko zenkampani (R'000)	Izindleko Zabasebenzi (R'000)	Izindleko zabasebenzi ngokwe-% lesamba (R'000)	Isibalo sabasebenzi	Izindleko ezilingene zomsebenzi ngamunye (R'000)
	91 192	35 529	0	66	538

Izindleko Zabasebenzi Ngokwamazinga Emiholo

Izinga	Izindleko Zabasebenzi (R'000)	Ama-% ezindleko zaba- sebenzi ngokwesamba sezindleko (R'000)	Isibalo sabasebenzi	Izindleko ezilingene zomsebenzi ngamunye (R'000)
Abaphathi Abakhulu	2 377	7%	1	2 377
Abaphathi Abasezi- khundleni Eziphezulu	1 464	4%	1	1 464
Abangogoti Emsebenzini Abawenzayo	7 586	21%	8	948
Abanamakhono	12 362	35%	29	426
Abanamkhono angatheni	11 740	33%	27	435
Abangenamakhono	-	-	-	-

Izindleko Zoqeqesho

Uhlelo/injongo	Izindleko Zabasebenzi (R'000)	Izindleko Zoqeqesho (R'000)	Izindleko Zoqeqesho Ngokwe-% lezindleko Zabasebenzi	Isibalo sabasebenzi abaqeqeshiwe	Izindleko ezilingene zoqeqesho lomsebenzi ngamunye
	35 528	311	1	48	6

Employment and vacancies

Uhlelo/injongo	2020/2021 Isibalo Sabasebenzi	2021/2022 Izikhala Ezigunyaziwe	2021/2022 Isibalo Sabasebenzi	2021/2022 Izikhala	Ama-% ezikhala
	77	84	66	18	21.4%

Uhlelo/injongo	2020/2021 Isibalo Sabasebenzi	2021/2022 Izikhala Ezigunyaziwe	2021/2022 Isibalo Sabasebenzi	2021/2022 Izikhala	Ama-% ezikhala
Abaphathi Abakhulu	1	1	1	0	0%
Abaphathi Abasezikhundleni Eziphezulu	1	1	1	0	0%
Abangogoti emse- benzini abawenzayo	9	9	8	1	11%
Abanamakhono	32	38	29	9	24%
Abanamakhono angatheni	34	35	27	8	23%
Abangemakhono	0	0	0	0	0%
ISAMBA	77	84	66	18	21.4%

Umholo Ngokwamazinga	Abasebenzayo ekuqaleni kwalesi sikhathi	Abaqashiwe	Abayekisiwe	Abasebenzayo ekupheleni kwalesi sikhathi
Abaphathi Abaphezulu	1	0	0	1
Abaphathi Abasezi- khundleni Eziphezulu	1	0	0	1
Abangogoti emsebenzini abawenzayo	9	0	1	8
Abanamakhono	32	2	5	29
Abanamakhono angatheni	34	1	8	27
Abangenamakhono	0	0	0	0
ISAMBA	77	3	14	66

Izizathu zokushiya kwabasebenzi

Isizathu	Isibalo	Ama-% esamba sabasebenzi abashiyayo
Ukushona	1	7.1%
Ukusula	2	14.2%
Ukuxoshwa	1	7.1%
Umhlalaphansi	4	28.6%
Ukugula	1	7.1%
Ukuphela kwesikhathi senkontileka	4	28.6%
Okunye	1	7.1%
ISAMBA	14	100%

Ubudlelwane Nabasebenzi: Ukungaziphathi ngendlela efanele kanye Nezinyathelo Zokuqondiswa ubugwegwe

Uhlobo Lwesinyathelo Sokuqondiswa ubugwegwe	Isibalo
Isexwayiso Esishiwo Ngomlomo	0
Isexwayiso Esibhaliwe	0
Isexwayiso Sokugcina Esibhaliwe	2
Ukuxoshwa	1

Amazinga	ABESILISA							
	Abamnyama		Amakhaladi		Amandiya		Abelungu	
	Njengamanje	Okuhlosiwe Njengamanje	Njengamanje	Okuhlosiwe Njengamanje	Njengamanje	Okuhlosiwe Njengamanje	Njengamanje	Okuhlosiwe Njengamanje
Abaphathi Abaphezulu	0	0	0	0	0	0	0	0
Abasezikhundleni Eziphezulu	0	0	0	0	1	1	0	0
Abangogoti emsebenzini abawenzayo	1	1	0	0	2	2	1	2
Abanamakhono	15	20	0	1	2	2	2	1
Abanamakhono anagatheni	12	18	0	0	3	4	0	1
Abangenamakhono	0	0	0	0	0	0	0	0
ISAMBA	28	39	0	1	8	9	3	4

Amazinga	ABESIFAZANE							
	Abamnyama		Amakhaladi		Amandiya		Abelungu	
	Njengamanje	Okuhlosiwe Njengamanje	Njengamanje	Okuhlosiwe Njengamanje	Njengamanje	Okuhlosiwe Njengamanje	Njengamanje	Okuhlosiwe Njengamanje
Abaphathi Abaphezulu	1	1	0	0	0	0	0	0
Abaphathi Abasezikhundleni Eziphezulu	0	0	0	0	0	0	0	0
Abangogoti emsebenzini abawenzayo	1	2	0	0	1	1	2	2
Abanamakhono	9	11	1	1	0	0	0	1
Abanamakhono anagatheni	8	7	1	2	3	3	0	0
Abangenamakhono	0	0	0	0	0	0	0	0
ISAMBA	19	21	2	3	4	4	2	3

Amazinga	Abasebenzi Abakhubazekile			
	Abesilisa		Abesifazane	
	Njengamanje	Okuhlosiwe	Njengamanje	Okuhlosiwe
Abaphathi Abakhulu	0	0	0	0
Abaphathi abasezikhundleni eziphezulu	0	0	0	0
Abangogoti emsebenzini abawenzayo	0	0	0	0
Abanamakhono	0	0	0	0
Abanamakhono anagatheni	0	0	0	1
Abangenamakhono	0	0	0	0
ISAMBA	0	0	0	1

Ingxenye E: Iminingwane Ngezezimali

1. Umbiko kaMchwaningimabhuku-Jikelele oya ePhalamende maqondana ne-Playhouse Company

Umbiko ngezitatimende zezezimali ezicwangingiwe

Umbono

1. Ngizicwangingile izitatimende zezezimali zase-Playhouse Company ezivezwa emakhasini 64 kuya ku-88, okuyiisitatimende esikhombisa isimo sezezimali kuze kube umhla zingama-31 kuNdasa wezi-2022, isitatimende esikhombisa ukusebenza kwezimali, isitatimende esikhombisa izinguquko empahleni ekhona kanye nokuphuma nokungena kwemali onyakeni osanda kuphela, ngokunjalo namanothi ngezitatimende zezezimali, kubandakanya nezinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali ezisempoka ezivezwe ngokufingqiwe..
2. Ngokombono wami, lezi zitatimende ezikhona zethula isimo sezezimali esingenakwenzelela kuze kube umhla zingama-31 kuNdasa wezi-2022 kanye nokusebenza kwezimali kanjalo nokungena nokuphuma kwemali onyakeni ophelayo ngokuhambisana ne-Recognised Accounting Practice (SA Standards of GRAP) kanye nezidingo ngokoMthetho Wokulawulwa Kwezezimali Zikahulumeni, No. 1 we-1999 (PFMA).

Isisekelo sombono

3. Ngilwenzile ucwaningomabhuku lwami ngokuhambisana ne-International Standards on Auditing (ISAs). Umsebenzi wami ngaphansi kwalawo mazinga uchazwe kabanzi esihlokweni esikhulumangemisebenzi kamchwaningimabhuku-jikelele ngokucwangingwa kwezitatimende zezezimali embikweni wami.
4. Ngizimele angihlanganise lutho nenkampani ngokuhambisana ne-International Ethics Standards Board for Accountants' International code of ethics for professional accountants (including International Independence Standards) (IESBA code) ngokunjalo nezinye izidingo zobuqotho eziphatelene nokucwangingwa wami amabhuku eNingizimu Afrika. Ngiyifezekisile neminye imisebenzi yami ehambisana nalezi zidingo kanye nenqubo ye-IESBA.
5. Ngiyakholwa ukuthi ubufakazi bokucwangingwa kwamabhuku engibutholile banele futhi bulungele ukunikeza isisekelo sombono wami. Imisebenzi yesikhulu esinesibopho sokubika maqondana nezitatimende zezezimali
6. Umkhandlu, oyisigungu esinesibopho sokubika, ubhekele ukwenza izitatimende zezezimali kanye nokuzethula ngendlela efanele ngokulandla izimiso ze-SA Standards of GRAP kanye nezidingo ze-PFMA kanye mezindlela zokulawula zangaphakathi ezibekwe yisikhulu esinesibopho sokubika ukuze kwenziwe izitatimende zezezimali ezingenamaphutha anomphumela omubi ezitatimendeni, nanoma ngabe enziwe ngomgunyathi kumbe ngephutha.
7. Ekwenzeni izitatimende zezezimali, isikhulu esinesibopho sokubika sinomsebenzi wokubheka ukuthi i-Playhouse Company iyakwazi yini ukuqhubeka nokuba yibhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo, ukudalula izinto eziphatelene nebhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo futhi sisebenzisa imigomo ukugcinwa kwamabhuku ezimali yebhizinisi elisebenzayo futhi elenza inzuzo ngaphandle uma uhlaka oluqondene olulawulayo luhlose ukusihlakaza isikhungo kumbe ukumisa ukusebenza kwaso, noma uma singenakho okunye esingakwenza ngaphandle kokwenza kanjalo. Imisebenzi kaMchwaningimabhuku-Jikelele maqondana nokucwangingwa kwezitatimende zezezimali
8. Izinjongo zami ukuthola isiqiniseko esingabazeki sokuthi kungabe izitatimende zezezimali sezisonke azinawo amaphutha anomphumela omubi ezitatimendeni, nanoma ngabe enziwe ngomgunyathi kumbe ngephutha, kanye nokukhipha umbiko kamchwaningimabhuku oqukethe nombono wami. Isiqiniseko esingabazeki yisiqiniseko esiseqophelweni eliphezulu, kodwa asiyona igaranti yokuthi ukucwangingwa kwamabhuku okwenziwe ngokulandela izimiso ze-ISA ziyohlala njalo ziveza amaphutha anomphumela omubi ezitatimendeni uma ekhona. Amaphutha aseziitatimendeni enzeka ngenxa yomgunyathi kumbe amaphutha athathwa ngokuthi asemqoka, lilodwa kumbe ehlangene, kungalindeleka ukuthi abe nomthelela ezinqumeni zezomnotho ezithathwa ngabasebenzisi bezisslela kulezi zitatimende zezezimali.
9. Enye incazelo yemisebenzi yami maqondana nokucwangingwa kwezitatimende zezezimali ifakwe yaba yisithasiselo kulo mbiko kamchwaningimabhuku.

Umbiko ngokucwangingwa kwamabhuku maqondana nokwenziwa komsebenzi wonyaka

Isingeniso kanye nomkhawulo wokusebenza

10. Ngokulandela izimiso zoMthetho Wokucwangingwa Kwamabhuku Kahulumeni (Public Audit Act of South Africa – PAA), wezi-2004 (uMthetho No. 25 wezi-2004) kanye nesaziso esijwayelekile esikhishwe ngokwalo Mthetho, nginesibopho sokubika ngezinto ezinqala ezitholakale olwazini lokwenziwa komsebenzi olubikiwe uma luqhathaniswa nezinjongo ezibekiwe maqondana nezinhlelo ezethulwe embikweni wokwenziwa komsebenzi wonyaka. Ngithathe izinyathelo zokuhlonza okutholiwe kodwa hhayi ukuqoqa ubufakazi bokunikeza isiqiniseko.
11. Izinyathelo zami ziqondene nolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe, okumele lususelwe emiqulwini yesikhungu ephasisiwe yokuhlela ukwenziwa komsebenzi. Angikuhlolanga ukuphelela kanye nokufaneleka kwezinkomba zokwenziwa komsebenzi ezisemiqulwini yokuhlela. Izinyathelo zami futhi azikuthintanga ukudalula kumbe imibono ephathelene namusu ahleliwe okwenziwa komsebenzi kanye nolwazi

3. Umbiko kaMcwangingimabhuku-Jikelele oya ePhalamende maqondana ne-Playhouse Company (uyaqhubeka)

maqondana nezikhathi ezizayo ezingase zifakwe zibe yingxenye yolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe. Ngakho-ke, engikutholile akuzithinti lezi zinto.

12. Ngihlole ukuba lusizo kanye nokwethembeka kolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe ngokulandela imigomo esuselwe ohlakeni lokulawulwa kokwenziwa komsebenzi kanye nokubika, njengalokhu kuchaziwe esazisweni esijwayelekile, maqondana nohlelo 2 – Ukuthuthukiswa Kwebhizinisi olwethulwe ohlakeni lombiko wokulawulwa kokwenziwa komsebenzi wesikhungo onyakeni ophele zingama-31 kuNdassa wezi-2022:
13. Ngithathe izinyathelo ngenhloso yokuthola ukuthi kungabe ulwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe lwethulwa ngendlela efanele yini kanye nokuthi kungabe ukwenziwa komsebenzi kwakuhambisana yini nemiqulu ephasisiwe yokwenziwa komsebenzi. Ngaphinda futhi ngathatha ezinye izinyathelo ngenhloso yokuthola ukuthi kungabe izinkomba kanye nokuhlosiwe okuhambisana nazo kwakungahleleka futhi kufanelekile yini, ngaphinda futhi ngahlola nokwethembeka kolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe ngenhloso yokuthola ukuthi kungabe lwalusemthethweni, luqondile futhi luphelele yini.
14. Akukho okutheni engakuphakamisa maqondana nokuba lusizo kanye nokwethembeka kolwazi lokwenziwa komsebenzi olubikiwe maqondana nezinhlelo ezikhethiwe.

Ezinye Izindaba

15. Ngicela sibheke iphuzu elingezansi.

Ukufezekiswa kokuhlosiwe okuhleliwe

16. Umbiko wonyaka wokwenziwa komsebenzi ekhasini 30 kuya ekhasini 43 uveza imininingwane maqondana nempumelelo ekufezeni obekuhlosiwe futhi kuhlelelwe unyaka kanye nezincacelo zabaphathi maqondana nokufezekisa ngokwedlulele kwalokho obekuhlosiwe.

Umbiko omaqondana nokucwangingwa kwamabhuku ngokulandelwa kwemigomo yemithetho

Isingeniso kanye nomkhawulo wokusebenza

17. Ngokulandela izimiso ze-PAA kanye nesaziso esijwayelekile esikhishwe ngokwalo Mthetho, nginesibopho sokubika ngezinto ezinqala ezitholakele maqondana nokugcinwa komthetho yilesi sikhungo mayela nezinto ezithile emthethweni osemqoka oshayiwe. Ngithathe izinyathelo zokuhlona okutholiwe kodwa hhayi ukuqoqa ubufakazi bokunikeza isiqiniseko.
18. Akukho engikuhlonzile maqondana nokugcinwa komthetho mayelana nezinto ezithile emthethweni osemqoka oshayiwe ezibekwe esazisweni esijwayelekile esikhishwe ngokwe-PAA.

Olunye ulwazi

19. Isikhulu esinesibopho sokubika yisona esibhekele olunye ulwazi. Olunye ulwazi lubandakanya ulwazi olufakwe embikweni wonyaka. Olunye ulwazi alubandakanyi izitatimende zezimali, umbiko kamcwangingimabhuku kanye nalezo zinhlelo ezikhethiwe ezethulwe embikweni wokwenziwa komsebenzi wonyaka ezibekwe kulo mbiko kamcwangingimabhuku.
20. Umbono wami maqondana nezitatimende zezimali kanye nokutholwe olwazini olubikiwe lokwenziwa komsebenzi kanye nokugcinwa kwemithetho akulufaki olunye ulwazi futhi angiwunikezi umbono wokucwangingwa kwamabhuku kumbe nanoma yiluphi uhlobo lwesiqiniseko sokuphetha.
21. Maqondana nokucwangingwa kwami amabhuku, isibopho sami ukufunda olunye ulwazi, bese kuthi-ke ngokwenza njalo, ngibheke ukuthi kungabe olunye ulwazi luhambisana ngokubonakalayo yini nezitatimende zezimali kanye nezinhlelo ezikhethiwe ezethulwe embikweni wokwenziwa komsebenzi wonyaka, kumbe ulwazi lwami engiluthole ekucwangweni kwamabhuku, noma olubonakala lubekwe ngendlela okungeyona ngokunemiphumela emibi.
22. Uma, ngokomsebenzi engiweziwe, ngiphetha ngokuthi kunokungabhaleki kwezitatimende ngendlela okuyiyona kulolu olunye ulwazi, ngimelwe ukuthi ngikubike lokho, nokho-ke akukho engingakubika maqondana nalokhu.
23. Angiyitholanga eminye imininingwane ngaphambi kosuku lokuphuma kwalo mbiko. Uma sengiyitholile ngayifunda le mininingwane, uma ngibona ukuthi kunokungabekeki kahle okukhona, kudingeka ukuthi ngikhulume ngalolo daba bese ngicela ukuthi lolo lwazi lulungiswe. Uma olunye ulwazi alulungiswa, ngingawuhoxisa lo mbiko kamcwangingimabhuku bese ngikhipha omunye osuchitshiyelwe ngendlela efanele. Uma kuwukuthi lulungisiwe, ngeke sibe khona isidingo salokho.

Ubuthaka bezinhlelo zangaphakathi zokulawula

24. Ngicubungule izinhlelo zangaphakathi zokulawula eziphatelene nokucwangingwa kwami amabhuku ezitatimende zezimali, ulwazi olunikeziwe maqondana nokwenziwa komsebenzi kanye nokugcinwa komthetho oshayiwe oqondene; nokho-ke, injongo kwakungesikho ukuzwakalisa nanoma yiluphi uhlobo lwesiqiniseko maqondana nakho. Ukulawula kwangaphakathi

Auditor-General

eMgungundlovu
27 kuNtulikazi wezi-2022



Annexure – Auditor-General’s Responsibility for the Audit

1. As part of an audit in accordance with the ISAs, I exercise professional judgement and maintain professional scepticism throughout my audit of the financial statements and the procedures performed on reported performance information for selected programmes and on the entity’s compliance with respect to the selected subject matters.

Financial statements

2. In addition to my responsibility for the audit of the financial statements as described in this auditor’s report, I also:
 - identify and assess the risks of material misstatement of the financial statements, whether due to fraud or error; design and perform audit procedures responsive to those risks; and obtain audit evidence that is sufficient and appropriate to provide a basis for my opinion. The risk of not detecting a material misstatement resulting from fraud is higher than for one resulting from error, as fraud may involve collusion, forgery, intentional omissions, misrepresentations or the override of internal control
 - obtain an understanding of internal control relevant to the audit in order to design audit procedures that are appropriate in the circumstances, but not for the purpose of expressing an opinion on the effectiveness of the entity’s internal control
 - evaluate the appropriateness of accounting policies used and the reasonableness of accounting estimates and related disclosures made by the accounting authority.
 - conclude on the appropriateness of the accounting authority’s use of the going concern basis of accounting in the preparation of the financial statements. I also conclude, based on the audit evidence obtained, whether a material uncertainty exists relating to events or conditions that may cast significant doubt on the ability of The Playhouse company to continue as a going concern. If I conclude that a material uncertainty exists, I am required to draw attention in my auditor’s report to the related disclosures in the financial statements about the material uncertainty or, if such disclosures are inadequate, to modify my opinion on the financial statements. My conclusions are based on the information available to me at the date of this auditor’s report. However, future events or conditions may cause entity to cease operating as a going concern
 - evaluate the overall presentation, structure and content of the financial statements, including the disclosures, and determine whether the financial statements represent the underlying transactions and events in a manner that achieves fair presentation

Communication with those charged with governance

3. I communicate with the accounting authority regarding, among other matters, the planned scope and timing of the audit and significant audit findings, including any significant deficiencies in internal control that I identify during my audit.
4. I also provide the accounting authority with a statement that I have complied with relevant ethical requirements regarding independence, and to communicate with them all relationships and other matters that may reasonably be thought to bear on my independence and, where applicable, actions taken to eliminate threats or safeguards applied.

2. Izitatimende Zemali Zonyaka

Isitatimende Esimaqondana Nesimo Sezimali kuze kube ngumhla zingama-31 kuNdassa wezi-2022

	Amanothi	kuNdassa 2022	kuNdassa 2021
		R	R
IZIMPAHLA			
Impahla Empilonde		180 033 045	186 085 487
Izimpahla Eziyigugu	2.1	92 073 379	88 780 974
Isakhiwo, imishini Kanye nempahla yokusebenza	2.2	86 860 232	96 326 163
Impahla Engaphatheki	2.3	1 099 434	978 350
Impahla edayiseka ngokushesha		93 644 455	89 175 574
Isitokwe senkampani	3	546 992	551 997
Uhwebo kanye nemali engase imukelwe	4	1 201 644	1 058 848
Ukheshi kanye nokungaba ukheshi	5	91 895 819	87 564 729
Inani eliphelele Lezimpahla		273 677 500	275 261 061
IZINDLEKO			
Izindleko Zempahla Empilonde			
Imali engenile ngaphambi kokuba kuhlizekwe ngomsebenzi	6	39 691 266	30 666 213
Izindleko Zempahla Edayiseka Ngokushesha			
Uhwebo kanye nokunye okukhokhwayo	7	7 037 231	7 549 697
INANI ELIPHELELE LEZINDLEKO		46 728 497	38 215 910
Impahla Esalile			
Inani lemali esalile	16	226 949 003	237 045 151
ISAMBA SEMALI YEMPAHLA ESALILE KANYE NEZINDLEKO		273 677 500	275 261 061

Isitatimende Sokusebenza Kwezimali sonyaka opehle mhla zingama-31 kuNdassa wezi-2022

	Amanothi	kuNdasa	kuNdasa
		2022	2021
		R	R
Imali Engenile			
Imali engenile evela kokwenziwe		5 158 492	4 249 497
Izakhiwo zokusebenzela kanye nempahla	8	1 431 395	133 809
Inzuzo etholakele		3 727 097	4 115 688
Imali engenile ngaphandle kokuhweba		75 936 878	62 013 023
Izibonelelo	9	66 110 107	56 406 693
Iminikelo noxhaso (imibukiso)		4 100 000	150 000
Eminye imisebenzi	24	5 726 771	5 456 330
Isamba Semali Engenile		81 095 370	66 262 520
Imali eseshenzisiwe		91 191 518	82 894 966
Ukuhlanza izakhiwo		2 603 858	2 442 664
Ukwehlisa kwezinganani nokwehliswa kwemali	10	9 086 315	9 764 781
Ugesi		4 668 411	3 528 368
Izindleko eziqondene nabasebenzi	11	35 528 904	35 558 166
Izindleko ezivamile	12	9 303 043	10 376 904
Izindleko zokunakekela nokulungisa impahla	13	4 276 844	2 494 768
Izindleko ezimaqondana nemibukiso	14	15 572 699	9 214 416
Intela kamasipala kanye nezi nye izintela		5 726 771	5 456 330
Izindleko zeziqondene nezokuphepha		4 424 673	4 058 569
Imali esalile onyakeni		(10 096 148)	(16 632 446)

Isitatimende Sezinguquko Ezimpahleni Ezisalile sonyaka opehle mhla zingama-31 kuNdassa wezi-2022

	Amanothi	kuNdasa	kuNdasa
		2022	2021
		R	R
Imali esalile okuvulwe ngayo njengalokhu kubikiwe		237 045 151	253 677 597
Imali esalile onyakeni		(10 096 148)	(16 632 446)
Imali esalile okuvalwe ngayo		226 949 003	237 045 151

Isitatimende Esimaqondana Nokungena Nokuphuma Kwezimali

sonyaka ophela mhla zingama-31 kuNdassa wezi-2022

	Amanothi	kuNdasa 2022	kuNdasa 2021
		R	R
Ukungena nokuphuma kwezimali ngokomsebenzi owenziwayo			
Imali efakwe ngabezibonelelo namakhasimende		111 189 972	87 739 741
Imali ekhokhelwe abahlinzekimpahla nabasebenzi		(107 416 748)	(85 016 933)
Imali eqoqwe ngokwemisebenzi eyenziwe	17	3 773 224	2 722 808
Inzalo engenile		3 727 098	4 115 688
Imali esalile ngokwemisebenzi eyenziwe		7 500 322	6 838 496
Ukungena nokuphuma kwemali esetshenziselwa ukutshalwa kwemali			
Ukwengezwa ezakhiweni, imishini nempahla yokusebenza Additions to property, plant and equipment		(2 751 626)	(8 085 564)
Ukwengenza empahleni engabonakali		(429 106)	(605 244)
Imali etholakale ngokudayiswa kwezakhiwo, imishini nempahla yokusebenza		11 500	-
Imali esalile esetshenziselwe ukutshalwa kwemali		(3 169 232)	(8 690 808)
Ukungena nokuphuma kwemali emisebenzini yezezimali			
Ukwehla kwemalimboleko yesikhathi eside		-	-
Imali esalile emisebenzini yezezimali		-	-
Ukunyuka (ukwehla) kwemali esalayo nokalokho okulingana nemali		4 331 090	(1 852 312)
Imali nalokho okulingana nemali ekuqaleni konyaka		87 564 729	89 417 041
Imali nalokho okulingana nemali ekupheleni konyaka	5	91 895 819	87 564 729

IZINQUBOMGOMO ZOKUGCINWA KWAMABHUKU EZEZIMALI

zonyaka opehle mhla zingama-31 kuNdassa wezi-2022

1. Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezezimali

- 1.1 Izitatimende zezezimali zihlelwe ngokuhambisana nokusebenza kwamaqophelo ezindlela zokuhlela amabhuku ezimali ezisetshenziswayo, ama-Standards of Generally Recognised Accounting Practices (GRAP) kuhlanganisa nanoma ngabe ikuphi ukutolikwa, imihlahlandlela kanye nemiyalelo ekhishwe iBhodi, i-Accounting Standards Board ngokuhambisana neSigaba 55(1) (b) soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, (uMthetho No. 1 we-1999 njengalokhu uchitshiyelwe ngoMthetho No. 29 we-1999). Izimpahla, izindleko, inzuzo kanye nezikweletu akususiwe ngaphandle uma umgomo we-GRAP uvumela noma udinga ukuba kususwe. Izinqubomgomo zokuhlelwa kwamabhuku ezimali zisebenza ngokuhambisana nalezo zititimende zokwethulwa kwezimali zonyaka odlule, ngaphandle uma kucaciswe ngenye indlela. Imininingwane ephelele yanoma uluphi ushintsho maqondana nezinqubomgomo zokuhlelwa kwamabhuku ezimali icaciswe kabanzi kuleyo nqubomgomo eqondene nalolo shintsh.

Izitatimende zezezimali zonyaka zihlelwe ngokulandela inqubo yokuhlelwa kwamabhuku ezimali lapho imibiko yethulwa ngesikhathi kwenziwa izinhlelo ezizongenisa imali noma esozodonga ukuthi kusetshenziswe imali yize noma ingakakhishwa leyo mali futhi ziyahambisana nomlando obuvele ukhona maqondana nokuguqulwa kwezindleko, ngaphandle kwaleyo minxa yezezimali evele isiyenzelwe isilinganiso esifanelekile.

Lezi zinqubomgomo zokuhlelwa kwamabhuku ezimali ziyshambisana nalezo zangonyaka odlule

Iqophelo le-GRAP ligunyazwe abe-Accounting Standard Board futhi liyasebenza nase- Playhouse Company..

GRAP 1 Ukwethulwa kwezitatimende zezezimali

GRAP 2 Izitatimende zokungena nokuphuma kwemali

GRAP 3 Izinqubomgomo zokuhlelwa kwamabhuku ezimali ,ushintsho ezilinganisweni zezezimali kanye namaphutha

GRAP 4 Umthelela wezinguquko zentela zokushintshisana zamazwe angaphandle

GRAP 9 Imali engenayo evela ekuhwebelaneni evenue from exchange transactions

GRAP 12 Izitokwe zenkampani

GRAP 13 Ukuqashisa

GRAP 14 Imicimbi ebe khona emva kosuku lokubika

GRAP 17 Izakhiwo, imishini kanye nezinto zokusebenza

GRAP 19 Izihlinzeko, izikweletu ezilindelekile kanye nezimpahla ezilindelekile

GRAP 20 Izindaba eziphathelene Nokudalulwa kokuhwebelana Nalabo Okusetshenziswana Nabo

GRAP 23 Imali engenayo etholakale ngokwentela yokuhwebelana kanye Nemali Edluliselwayo

GRAP 24 Ukuthulwa Kwemininingwane Yesabelomali

GRAP 25 Imihlomulo Yabasebenzi

GRAP 26 Isimo esintengayo Ngokwempahla Engenisa Imali

GRAP 31 Impahla Engaphatheki

GRAP 103 Impahla Eyigugu

GRAP 104 Izinsizakusebenza Zezezimali

GRAP 108 Imali ekwelethwa Ngokusemthethweni

IFRIC 22 Ukulinganiselwa kwemali yamazwe angaphandle kanye nokucabangela iphambili

Lezi zititimende ezilandelayo mayelana ne-Generally Recognised Accounting Practice (GRAP) ezikhishwa yi-Accounting Standards Board noma zikhishiwe kodwa azisebenzi e-The Playhouse Company

GRAP 5 Okubolekwayo

GRAP 6 Izitatimende zezezimali ezihlanganisiwe Kanye nokugcinwa kwamabhuku ezimali ezinhlaka ezilawulwayo

GRAP 7 Ukuhlelwa kwamabhuku email etshalwe ezinkampanini okusetshenziiswana nazo

GRAP 8 Umbiko wenzalomali ngokombimbi lwezinhlangano

GRAP 10 Umbiko wezezimali maqondana nokuguquka kwamandla ezomnotho

GRAP 11 Izinkontileka Zezokwakha

GRAP 16 Umhlaba osetshenziselwa ukutshalwa kwezimali

GRAP 18 Ukukhishwa kombiko wengxenyethize

GRAP 21 Isimo esintengayo ngenxa yempahla engangenisi mali

GRAP 27 Ezolimo

GRAP 32 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo: Abezibonelelo

GRAP 34 Izitatimende zezezimali ezihlukene

Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezezimali (Kuyaqhutshwa)

- GRAP 35 Izitatimende zezimali ezihlanganisiwe
 - GRAP 36 Ukutshalwa kwezimali kulabo okusetshenziswana nokubanjiswene nabo
 - GRAP 37 Izivumelwano Ezihlanganyelwe
 - GRAP 38 Ukudalulwa kwezintshisekelo kwezinye izinhlaka
 - GRAP 100 Imisebenzi ehoxisiwe
 - GRAP 105 Ukwedluliselwa Kwemisebenzi phakathi kweziNhlaka ezilawulwa Ngokujwayelekile
 - GRAP 106 Ukwedluliselwa Kwemisebenzi phakathi kweziNhlaka ezinglawulwa Ngokujwayelekile
 - GRAP 107 Ukuhlanganiswa Kwezinkampani
 - GRAP 109 Ukugcinwa Kwamabhuku Ezimali Yizikhulu Kanye Nabalekeleli
 - GRAP 110 Lizinsizakusebenza eziphilayo nezingaphili
 - IFRS 4 Izinkontileka Zemishuwalense
 - IFRS 6 Ukuhlolwa Kanye Nokubhekiswa Kwezomnotho Ombiwa Phansi
 - IAS 12 Intel yemali engenayo
 - IFRIC 4 Ukuqagula ukuthi Isivumelwane sinayo yini iNkontileka Yokuqashisa
 - IFRIC 12 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo
 - IFRIC 20 Izindleko zokuxebula eSigabeni Sokukhiqiza Ngaphezulu leMayini
 - IFRIC 23 Ukungaqiniseki ngendlela okuphathwa ngayo intela yemali engenile
 - SIC 25 Intel Yemali Engenayo – Ushintsho lwesimo sentela yoHlaka kumbe Abaninimasheya balo
 - SIC 29 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo – Okudaluliwe
 - IGRAP 17 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo lapho okhipha izibonelelo Elawula khona intela ebonakalayo esuke isilele emuva empahleni
 - IGRAP 18 Ukwaziswa Nokushaywa Indiva Komhlaba
 - IGRAP 19 Izikweletu ukuze Kukhokhwe Intel
 - IGRAP 20 Ukugcinwa Kwamabhuku Ezimali uma Kulinganiswa Nemali Engenayo
- Imikhombandlela yezokugcinwa kwamabhuku ezimali ngenhloso yokwenza izivumelwano ngokoHlelo Lwezezindlu Lukazwelonke

Lezi zititimende ezilandelayo mayelana nenqubo ebiwa nge-Generally Recognised Accounting Practice (GRAP) ezikhishwe abe-Accounting Standards Board seziyasebenza kodwa azikaqali ukusetshenziswa ngokugcwele ezikhungweni zikahulumeni ezingusheduli 3A no-3C kanye nasezikhungweni ezakhiwe ngokoMthethosisekelo

Usuku Lokuqalisa

Imikhombandlela yokugcinwa kwamabhuku ezimali eziza zokulahla udoti

TBC

Imigomo yokwamukelwa kanye nokulinganiswa kulezi zititimende ze-GRAP ezingenhla uma kuqhathaniswa nezitatimende ze-GAAP ezishintshiwe ayihlukile noma ayinayo imiphumela eyehlukile ngokwempahla eyethuliwe futhi yavezwa kuzitatimende zezimali.

1.2 Ukusetshenziswa kwezilinganiso kanye nezinqumo

Uma kulungiswa izitatimende zezimali kulindeleke ukuba abaphathi bathathe izinqumo, benze izilinganiso babheke izinto ezingaba nomthelela ekusetshenzisweni kwezinqubomgomo zokuhlelwa kwamabhuku ezimali kanye namanani abikiwe empahla nezikweletu, imali engenile neyezindleko. Izilinganiso nokulindeleke ukuthi kungase kwenzeka kuncika kulokho osekwake kwenzeka phambilini kanye nokwehluka kwezimo okukholelwa ekutheni zifanelekile ngaphansi kwezimo ezikhona, imiphumela okuthathelwe kuyo izinqumo mayelana nokubaluleka kwempahla kanye nezikweletu akaveli kweminye imthombo. Imiphumela yangempela ingehluka kulezi zilinganiso.

Izilinganiso kanye nokulindeleke ukuba kungase kwenzeka kuyabuyezwa njalo njalo. Ukubuyezwa kwezilinganiso zamabhuku okuhlelwa kwezimali kwenziwa ngesikhathi kubhekiswa izilinganiso uma ukubuyezwa kuthinta lesi sikhathi kuphela noma isikhathi esizayo..

Okusemqoka, iminingwane mayelana nezilinganiso ezindaweni ezibalulekile, izinqumo ezinokungabazisa nezibucayi ezisetshenziswa maqondana nezinqubomgomo zokuhlolwa kwamabhuku ezimali okunomthelela omkhulu esambeni esivezwe esitatimendeni sezezimali zichazwa kulawa maphuzu alandelayo:

Iphuzu 1.3 isakhiwo, Imishini kanye nempahla yokusebenza

Iphuzu 1.5 Impahla engaphatheki

Iphuzu 1.13 Izihlinzeko

Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezezimali (Kuyaqhutshwa)

1.3 Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza

Isakhiwo, imishini nempahla yokusebenza okufaneleka ukuba kuthathwe ngokuthi kuyimpahla iqale ilinganiswe ngezindleko zayo. Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza kubalwe ezindlekweni zangaphambilini kwasuswa ukwehla kweziganani kanye nokuntenga. Ukubaluleka kwempahla yokusebenza kubonakale ngemuva kokubhekisisa zonke izinto eziphazamisa i-Playhouse Company. Ukubaluleka kwempahla yokusebenza kanye nokwehla kwamanani kuyabuyekwezwa njalo ngonyaka bese kuthi nanoma iluphi ushintsho lwesilinganiso lusetshenziswa ekutholeni ukwehla kwezinga. Asikho isikweletu esilengisiwe maqondana nendawo, imishini kanye nempahla yokusebenza njengoba impahla isetshenziswe maqondana nomnotho.

Uma impahla ithathwe yisikhungo sikahulumeni/ somphakathi ngale kwezindleko (ukuthengiselana okungenamali), izindleko zithathwe njengesilingana nenani elifanele laleyo mpahla ngosuku okutholakale ngalo.

Inani lempahla kuba yinani elamukelekile ngokohlelo lokwehliswa kwamanani. Lapho imakethe esebenzayo ingekho, inani elamukelekile lempahla litholakale ngokubheka enye impahla ethi ayifane naleyo.

Izingxenywe ezinkulu ezisemqoka eziyiziyele zithathwa njengesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza uma isikhungo sikahulumeni sidinga ukuzisebenzisa ngaphezulu kokukodwa. Kuyafanake, uma lezi zingxenywe ezisemqoka eziyiziyele zingasetshenziselwa ukuxhumana nengxenywe yesakhiwo umshini, kanye nempahla yokusebenza, lezi zinto zibalwa ngaphansi kwesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza.

Ukwehla kwenani lempahla kubalwa ngendlela kalayini oqondile, ukuze kusulwe izindleko zempahla esilinganisweni senani lesikweletu esilengisiwe ngaphezu kwesilinganiso esisetshenziswe ngale ndlela elandelayo:

Izakhiwo	: 50 Years
Izimoto	: 5 to 16 Years
Ifenisha yasehhovisi kanye nenye impahla yokusebenza	: 5 to 39 Years
Amakhompyutha	: 3 to 18 Years
Isiteji	: 4 to 49 Years
Impahla yase-Workshop	: 5 to 34 Years

Awehli amanani omsebenzi wezobuciko bese kuthi imidwebo, izingubo zokugqoka kanjalo nemibhalo yomculo neyedrama kona kuyasulwa emva kokuthengwa

Imali esetshenziswe maqondana nengxenywe yesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza iyaguqulelwa emalini uma kubukeka sengathi imihlomulo yomnotho yangesikhathi esizayo yokusetshenziswa kwempahla izokwenyuswa. Konke okunye okwenzeka kamuva kubhekwa njengezindleko esikhathini okwenzeke ngaso.

1.4 Ukulimala kwempahla

Impahla engasetshenziselwa ukwenza inzuzo

Amanani akhona empahla ye-Playhouse Company, ngaphandle kwesitokwe senkampani, abuyekwezwa ngazo zonke izinsuku ekubikwa ngazo ukuze kubhekiswe ukuthi akukho yini ukuntenga okwenzakayo. Uma kuvela noma iyiphi inkomba ekhona, kwenziwa inkomba yenani lempahla..

Inani lokubuyisela impahla lingaphezu kwenani elisetshenziswayo futhi inani lakhona libiza kancane uma kuthengiswa. Uma kuhlolwa ukuntenga, isimo sempahla sihluzwa ngokuthola inani elisetshenziswayo. Uma impahla ilimele futhi ingeke isasebenziseka, inani layo yilelo layo njengoba ilimele.

Ukulahlekelwa okwenzeka ngenxa yokulimala kwempahla kuyabhekelelwa ma kungukuthi inani laleyo mpahla lingaphezulu kwenani lokuyibuyisela impahla. Ukulahlekelwa okwenzeka ngenxa kokulimala kwempahla kubhekelelwa enzuzweni yokulahlekelwa.

Ukubuyiselwa emuva kokulimala

Ukulahlekelwa okwenzeka ngenxa yokulimala kwempahla kubuyiselwa emuva uma kube noshintsho ezilinganisweni ezisetshenziswe ekunqumeni inani lokubuyisela impahla. Ukulahlekelwa okwenzeka ngenxa yokulimala kwempahla kubuyiselwa emuva kuphela uma kungukuthi inani lempahla ekhona aleqi inani elikhona lelo elimaqondana nemali esalayo yokwehla kwenani lempahla noma ukwehlelwa izinga, uma kungukuthi akukho ukulahlekelwa okwenzeke ngenxa yokulimala kwempahla.

1.5 Impahla engaphatheki

Impahla engaphatheki efaneleka ukuthathwa ngokuthi impahla iqale ilinganiswe ngezindleko zayo. Impahla engaphatheki ikhonjiswa ekwehleni kakhulu kwenani kanye nentengo eyehlile. Ukubaluleka kwempahla engabonakali kubhekiswe njalo ngonyaka futhi uma kukhona ushintsho esilinganisweni kuyabhekiswe ekubaleni inani elisele. Ukwehla kwezinga kubalwa ngendlela kalayini oqondile ukuze kusulwe izindleko zempahla engabonakali kubhekwa nesilinganiso sokubaluleka kwayo:

I-Software	: 2 to 18 Years
------------	-----------------

Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezezimali (Kuyaqhutshwa)

1.6 *Impahla Eyigugu*

Impahla eyigugu yileyo mpahla ehambisana namasiko, nemvelo, nomlando, nendalo, nesayensi, nobuchwepheshe noma nobuciko futhi egcinwe kahle ukuze kuhlomule izizukulwane zamanje nezizayo.

Impahla eyigugu ithathwa ngokuthi yimpahla kuphela uma (a) kungenzeka ukuthi imihlomulo yomnotho wangesikhathi esizayo noma ukusetshenziswa kwayo kuzosiza isikhungo, ngokunjalo futhi (b) nenani elikahle lempahla lingalinganiswa ngokukhokakayo.

Impahla eyigugu efaneleka ukuthathwa ngokuthi impahla iqale ilinganiswe ngezindleko zayo.

Lapho impahla eyigugu itholakala ngendlela engenakho ukuhwebelwana, intengo yayo izokalwa ngokwezinga layo kanye nosuku etholakale ngalo.

Ngemuva kokumukelwa kwayo njengempahla, uhlobo oluthile lwempahla eyigugu kumele lube amanani ajwayelekile futhi kususwe nanoma yiziphi ezinye izindleko zokutenga okwenzekile.

1.7 *Isitokwe senkampani*

Isitokwe senkampani silinganiswa ngenani eliphansi kanye nenani lemali esalayo ekhokakayo. Izindleko zesitokwe senkampani zihlanganisa zonke izindleko zokuthenga, ukuguqulwa kwempahla kanye nezinye izindleko nemibandela ebe khona ngesikhathi kulethwa lesi sitokwe endaweni esikuyona futhi sibonakala ngokusebenzisa uhlelo lokuthi impahla efike kuqala iyona ekhishwa kuqala. Isitokwe esingasenakusebenziseka, esingasenamsebenzi kanye nesihamba kancane sizohlonzwa zikhathi zonke bese sibhalwa phansi ngokwezilinganiso zaso zamanani emali ekhokakayo.

1.8 *Izinsizakusebenza Zezimali*

Izilinganiso

Izinsizakusebenza zezimali zilinganiselwa ngezindleko ezihlanganisa izindleko zokuthengiselana. Okunye okwenzeka ngalezi zinsizakusebenza zezimali ukuthi zilinganise ngale ndlela ekuchazwe ngayo lapha ngezansi:

Uhwebo kanye nenye imali engase yamukelwe

Uhwebo kanye nenye imali engase yamukelwe enkampanini i-Playhouse kwenziwa ngokwamanani angaphansi kwezihlinzekelo zezikweletu ezingabazekayo. Imali engase imukelwe iyasulwa uma kubonakala ukuthi neke isatholakala. Izaphulelo zohwebo kanye nemali engase yamukelwe nezihlinzekelo zezikweletu ezingabazekayo kwezikweletu kwenziwa ngokusebenzisa izilinganiso zenzalo uma kunesidingo.

Ukheshi nokungaba ngukheshi

Ukheshi nokungaba ukheshi kulinganiswa ngokwenani eliyifanele impahla.

Uhwebo Kanye nokunye okukweletwayo

Uhwebo kanye nokunye okukweletwayo enkampanini i-Playhouse kwenziwa ngokwamanani ezindleko. Izaphulelo zohwebo kanye nokunye okukweletwayo kwenziwa ngokusebenzisa izilinganiso zenzalo uma kunesidingo.

Ukuhlomula kanye nokulahlekelwa uma kwenziwa izilinganiso

Ukuhlomula kanye nokulahlekelwa kakhulu okusukela ekushintsheni kwesilinganiso senani lezinsiza kusebenza zezimali ezingeyona ingxenye esebenza isikhathi eside kubalwa enzuzweni esalayo noma emalini elahlekile ngesikhathi kwenziwa ushintsho.

1.9 *Izinhlelo zomhlomulo womhlalaphansi*

Kuyinqubomgomo yenkampani i-Playhouse ukuhlinzeka ngemihlomulo yomhlalaphansi kubasebenzi. Izimali ezibekwa yinkampani i-Playhouse ngokohlelo lokubekelela imali nohlelo lwemihlomulo ziyizindleko ezisemqoka kakhulu.

1.10 *Inzuzo etholakala ngokuthengiselana okungenazindleko*

Inzuzo etholakala ngokuthengiselana okungenazindleko iqhamuka uma isikhungo samukela inani elithile kwesinye isikhungo ngaphandle kokunikeza ngqo inani elicishe lilingane uma kushintshiselwana. Impahla etholakale ngokuthengiselana okungenazindleko kumele ilinganiswe ngenani elifanele ngosuku etholakale ngalo.

Le nzuzo izolinganiswa ngokwenani elenyukile emalini esalayo yempahla ngokwesikhungo.

Ukungena kwempahla ngokwenzuzo yokuthengiselana kumele kuthathwe njengenzuzo, ngaphandle uma kukhona lesi sikweletu esikhona kulesi sitokwe esifanayo. Njengoba inkampani ikwamuleka ukuthi isibopho esikhombisa isikweletu ngokokungena kwempahla etholakale ngokuthengiselana, kwehlisa inani elikhona lezikweletu njengalokhu kubhekwa ukwehla ngokulinganayo.

I-Playhouse Company isingene esivumelwaneni sokuqashiselana sokusebenzisa mahhala izingxenye ezithile zomhlaba kanye nezakhiwo.

Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezezimali (Kuyaqhutshwa)

1.11 *Izinzuzo*

Izibonelelo

Izibonelelo ezimaqondana nemali esetshenziselwa ukuqhuba umsebenzi zithathwa njengenzuzo uma kungukuthi kunemali edluliselwe esikhungweni ezomukelwa futhi lelo nani lemali lingalinganiseka ngokuthembeka, uma kukhona isibopho esikhona sokusebenzisa isitokwe ngenye indlela noma isitokwe sibuyiselwe kumnikazi. Lapho kudingeka khona ukuba isitokwe sisebenze ngendlela ethize ngokungahambisani nokudingekayo ukuze kubuyiselwe lezo zitokwe, lapho-ke akukho sibopho esikhona kanye nenzuzo ebonakalayo. Lapho isibopho sikhona, isitokwe sibhekwa njengenzuzo engene ngaphambi kwesikhathi kuze kube ukuthi kuyahlangabezwana nalezi zibopho ukuze zibonakale njengenzuzo.

Izibonelelo ezimaqondana nokuthengwa kanye nokwakhiwa kwempahla yokusebenza zithathwa ngokuthi ziyinzuzo uma kungukuthi kunemali edluliselwe ezotholakala futhi inani laleyo mali lingalinganiseka ngokuthembeka, uma kukhona isibopho esikhona sokusebenzisa isitokwe ngenye indlela noma isitokwe sibuyiselwe kumnikazi. Lapho kudingeka khona ukuba isitokwe sisebenze ngendlela ethize ngokungahambisani nokudingekayo ukuze kubuyiselwe lezo zitokwe, lapho-ke akukho sibopho esikhona kanye nenzuzo ebonakalayo. Lapho isibopho sikhona, isitokwe sibhekwa njengenzuzo engene ngaphambi kwesikhathi kuze kube ukuthi kuyahlangabezwana nalezi zibopho ukuze zibonakale njengenzuzo.

Inzalo engenile

Inzalo engenile ibonakala ngokuhamba esikhathi, kubhekwa imali ekweletwayo kanye namazinga asebenza ngaleso sikhathi kuze kuba kushaya isikhathi sokuvuthwa, uma kwenzeka leyo mali iba yingeniso elingakakhokhwa yi- Playhouse Company.

Ihhovisi elidayisa amathikithi kanye nemali engenayo ehambisana nalo

Ihhovisi elidayisa amathikithi kanye nemali engenayo ehambisana nalo kubonakala emva kokuba sewube khona umdlalo. Amathikithi amahhala akhishelwa ukuqhakambisa kanye nokumaketha umdlalo awananani futhi awabalwa emalini etholakala ehhovisi lokudayisa amathikithi kanye nasemalini engenayo ehambisana naleli hhovisi.

Enye imali engenayo

Enye imali engenayo ibonakala uma kungukuthi umhlomulo womnotho wangesikhathi esizayo ubonakala ukuthi uzongena e- Playhouse Company futhi ungalinganiseka ngokufanele.

1.12 *Imisebenzi engakhokhelwa ngemali*

Imisebenzi engakhokhelwa ngemali ithathwa ngokwezininga layo uma izobaluleka ekwenziweni komsebenzi kanye/noma ngokwezinjongo zokunikezela ngemisebenzi futhi uma kucaca ukuthi imihlomulo yezomnotho yesikhathi esizayo izogeleza ingena enkampanini ngokunjalo futhi nezinga lempahla lingakalwa ngendlela enokuthembeka. Uma imisebenzi engakhokhelwa ngemali ingabalulekile ekwenziweni komsebenzi kanye nasezinjongweni zokunikezela ngemisebenzi futhi ingahambisani nezindlela kanye nezinhlobo zemisebenzi engakhokhelwa ngemali etholakale ngesikhathi sokubika.

1.13 *Izihlinzeko*

Izihlinzeko zibonakala uma i- Playhouse Company yethula izibopho zangokomthetho neziphusile ngenxa yokwenzeka phambilini, okungenzeka kube khona ukuphuma kwenzuzo yomnotho, kanye nalapho izilinganiso ezikholekayo zenziwa ngenani lezibophezelo. Uma kwenziwe izaphulelo, izihlinzeko nazo ziyehliswa. Isilinganiso senani lesaphulelo yileso esihambisana nokuhlolwa kwamanani emakethe ngokunjalo nezinkinga zezikweletu ezithize.

1.14 *Ukheshi nokungaba ngukheshi*

Ngokwesitatimende sokungena nokuphuma kwemali, ukheshi kanye nokungaba ukheshi kufaka imali esesandleni, imali efakwe ebhange, kanye nemali etshalwe ezimakethe zezimali, imali esele ye-ovadrafthi, nayo yonke enye imali ekhona nengatholakala ukuba isetshenziswe yi- Playhouse Company, ngaphandle uma kuchazwe ngenye indlela

1.15 *Isivumelwano sebhizinisi nenye inhlango*

Isivumelwano sebhizinisi phakathi kwezinhlangano sisho ukudluliselana ngezinsizakusebenza noma izibopho phakathi kwezinhlangano ezisebenzisanayo, ngaphandle kokubheka ukuthi kuyakhokhelwana yini. Izinhlangano zithathwa ngokuthi ziyasebenzisa uma enye inhlango inamandla okulawula lena enye inhlango noma isebenzise amandla ayo ekuthatheni izinqumo zokusetshenziswa kwemali noma impahla yenye inhlango noma-ke uma lezi zinhlangano zingaphansi kolawulo olufanayo. Amanothi okuba sobala aveza yonke imininingwane yesivumelwano sebhizinisi phakathi kwezinhlangano ezisebenzisanayo.

1.16 *Izibophezelo*

Izibophezelo zisho izimpahla/ imisebenzi esigunyaziwe futhi/noma esinikwe inkontileka, kepha leyo mpahla/ umsebenzi ungakahlizekwa ngosuku lokubika. Izibophezelo azibalwa esitatimendeni sezimali njengezikweletu noma njengezindleko esitatimendeni sokusebenza kwezimali kodwa zibalwa emanothini okuvela obala.

1.17 *Ukuqhathaniswa Kwezinqubo*

Ukuqhathaniswa kwezinqubo sekuhlelwe kabusha ukuze kuvumelane nokwenza ushintsho ekwenziweni kwezethulo nokucacisa kahle, uma kunesidingo.

Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezezimali (Kuyaqhutshwa)

1.18 *Isisekelo Sokukhathazeka*

Kulandelwe indlela yokusebenza esetshenziswa yizinkampani ezenza inzuzo ngesikhathi kwenziwa izitatimende zezezimali. Abaphathi abanasizathu sokukholwa ukuthi inkampani angeke ikwazi ukuba yinkampani eyenza inzuzo ngesikhathi esizayo, ngokokuzibophezela koMnyango Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko, emalini ekhona kanye nezinsiza.

I-Playhouse Company ithole uxhaso olwabiwe ngokwe-MTEF sisuswa eMnyangweni Wezemidlalo Ubuciko Namasiko eminyakeni emithathu (3) ezayo.

1.19 *Imali engenile edluliselwa onyakeni olandelayo*

Izikweletu zidalwa yimali etholakala ngezibonelelo ezinemibandela. Imali engenayo ngenxa yalezi zibonelelo iyedluliswa kuze kufike lesi sikhathi lapho kuhlangatshewana khona nemibandela yesibonelelo. Isikweletu sesibonelelo esedlulisiwe sikhishwa uma sekunemali engenile.

1.20 *Imininingwane ngeSabelomali*

Isabelomali esigunyaziwe senziwa ngokwemali ekhona bese sethulwa ngokokwehlukana kwemikhakha esebenzayo exhumene nemiphumela yezinjongo zokwenizwa komsebenzi, lapho kudingeka khona. Isabelomali esigunyaziwe esonyakamali oqala lulunye kuMbasa kuya zingama-31 kuNdassa. Izitatimende zezezimali kanye nesabelomali akuzona izisekelo zokugcinwa kwamabhulu ezimali. Imininingwane yezitatimende zezezimali eziyizo ezikhona lwethulwa ngokuthi kuqhathaniswe neminingwane yesabelomali. Ukuqhathanisa kanye nokulungisa phakathi kwezitatimende zokusebenza kwezezimali kanye nesabelomali esikhathini sokubika kuyingxenye yeSitatimende Sokuqhathanisa iSabelomali kanye Nesamba Okuyiso Esikhona.

Imali esalayo ngokwesitatimende ngasinye sezezimali ihlanganiswa nemali esalile ngokwesabelomali kanye nempahla esalile njengalokhu kunquma uhlaka olubhekele ezempahla, kuchazwe eSitatimendeni Sokuqhathanisa Isabelomali kanye Nesamba Okuyiso Esikhona.

Amanothi Amaqondana Nezitatimende Zezimali Zonyaka

2. IMPAHLA

2.1 Impahla Eyigugu	Land and Buildings	Artworks	Total
	R	R	R
Carrying amount 1 April 2020	88 330 000	450 974	88 780 974
Gross carrying amount	88 330 000	450 974	88 780 974
Accumulated Impairment loss	-	-	-
Additions	-	-	-
Carrying amount 31 March 2021	88 330 000	450 974	88 780 974
Gross carrying amount	88 330 000	450 974	88 780 974
Accumulated Impairment loss	-	-	-
Additions	3 292 405	-	3 292 405
Carrying amount 31 March 2022	91 622 405	450 974	92 073 379
Gross carrying amount	91 622 405	450 974	92 073 379
Accumulated Impairment loss	-	-	-

This section is not translated

Impahla eyigugu ifaka umhlaba kanye nezakhiwo: Ingxenye 1 yeSiza 10636 eThekwini. Inani lesakhiwo lanqunywa nguMasipala weTheku ngoNhlaba wezi-2008.

Impahla eyigugu yamukelwa okokuqala ngqa ngoNdasa wonyaka wezi-2011 ngokwe-Grap 23 – Inzuzo etholakale ngokudayiselana okungakhokhelwa mali, intela nezimal ezidluliselwayo.

Umdlaba kanye nezakhiwo kubhaliswe egameni loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi. I-Playhouse Company iqashe umhlaba kanye nezakhiwo eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi.

Ngowesigaba 66 soMthetho Wokwenganyelwa Kwezimali Zomphakathi (PFMA), i- Playhouse Company akumele isebenzise impahla engagudluki, kubandakaya ukusebenzisa izimpahla eziyigugu njengesibambiso kanti umhlaba nezakhiwo nazo ziyizimpahla okungeke kwabanjiswa ngazo.

Ayikho impahla eyigugu eyoba yisibambiso.

Amanothi Amaqondana Nezitatimende Zezimali Zonyaka (kuyaqhutshwa)

2.2 Ukuhlanganiswa kwenani elilinganiselwe lesakhiwo, imishini kanye enempahla yokusebenza

	Izimoto	Amathuluzi Okunakela	Impahla yasehho-visi nanye yokusebenza	Impahla yamakhompyutha	Impahla yasesiteji	Impahala yase-Workshop	Impahla eqashiwe (umhlaba namabhilidi)	Impahla eqashiwe (impahla yasehho-visi kanye nokunye)	Isamba
	R	R	R	R	R	R	R	R	R

Imali okuvulwe ngayo mhla lulunye (1) kuNdasa 2020

	1 144 507	27 058	2 267 943	3 481 390	35 103 877	106 235	33 463 508	24 343 433	99 937 952
Isamba esikhona okuvulwe ngayo singakancozulwa	4 440 020	27 058	13 862 103	6 535 449	79 179 030	588 837	66 807 979	70 680 235	242 120 710
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane okuqhutshekwa nakho	(3 295 513)	-	(11 594 160)	(3 054 059)	(44 075 153)	(482 602)	(33 641 360)	(46 617 637)	(142 760 483)
WIP	-	-	-	-	-	-	296 889	280 835	577 724
Okwengeziwe	-	-	760 551	883 459	7 454	-	4 216 288	160 731	6 028 483
Okudluliselwe	-	(303)	69 782	-	-	-	296 889	(69 782)	296 586
WIP	-	-	-	-	-	-	(296 889)	2 057 384	1 760 495
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane	(471 083)	-	(1 054 442)	(1 338 437)	(6 750 032)	(67 450)	(3 955 935)	(7 890 114)	(21 527 492)
Ukulungiswa kabusha kwezinganani lempahla	166 767	-	947 086	429 786	9 270 269	105 031	-	1 242 815	12 161 754
Okulahwayo	-	-	(12)	-	(179)	-	(2 322 944)	(8 479)	(2 331 614)
Izindleko	-	-	(68 075)	-	(722 705)	-	(4 513 177)	(20 349)	(5 324 307)
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane okuqhutshekwa nakho	-	-	68 063	-	722 526	-	2 190 233	11 870	2 992 693

Imali okuvulwe ngayo mhla lulunye (1) kuNdasa 2021

	840 191	26 755	2 990 908	3 456 199	37 631 389	143 816	31 400 918	19 835 987	96 326 163
Isamba esikhona okuvulwe ngayo singakancozulwa	4 440 020	26 755	14 624 361	7 418 908	78 463 779	588 837	66 807 979	70 750 834	243 121 473
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane okuqhutshekwa nakho	(3 599 829)	-	(11 633 453)	(3 962 709)	(40 832 390)	(445 021)	(35 407 061)	(53 253 066)	(149 133 529)
WIP	-	-	-	-	-	-	-	2 338 219	2 338 219
Okwengeziwe	-	-	298 524	76 955	520 856	-	-	154 797	1 051 132
Okulahliwe	-	-	-	-	-	-	-	-	-
WIP	-	-	-	-	-	-	-	(1 591 912)	(1 591 912)
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane	(464 809)	-	(1 098 007)	(1 386 773)	(6 534 695)	(55 515)	(3 280 466)	(6 439 874)	(19 260 140)
Ukulungiswa kabusha kokwehliswa kwesikweletu kancane	342 357	-	285 698	298 472	3 780 865	5 451	-	5 767 381	10 480 224
Okulahwayo	(2 166)	-	(54 932)	(22 671)	(30 206)	(1)	-	(35 259)	(145 235)
Izindleko	(44 155)	-	(939 342)	(429 073)	(1 221 200)	(868)	-	(290 169)	(2 924 807)
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane okuqhutshekwa nakho	41 989	-	884 410	406 402	1 190 994	867	-	254 910	2 779 572

Imali okuvulwe ngayo mhla lulunye (1) kuNdasa 2022

	715 573	26 755	2 422 191	2 422 182	35 368 209	93 751	28 120 451	17 691 120	86 860 232
Isamba esikhona okuvulwe ngayo singakancozulwa	4 395 865	26 755	13 983 543	7 066 790	77 763 435	587 969	66 807 979	70 615 462	241 247 798
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane okuqhutshekwa nakho	(3 680 292)	-	(11 561 352)	(4 644 608)	(42 395 226)	(494 218)	(38 687 528)	(53 670 649)	(155 133 873)
WIP	-	-	-	-	-	-	-	746 307	746 307

Umhlaba nazakhiwo ezikhona kumi kanje:

1. Insalela yeNgxenywe 3 yeSiza 615 esise-Brickfield
2. Ingxenywe 3 yeSiza esiseThekwini

Umhlaba kanye nezakhiwo kubhaliswe egameni loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi. I-Playhouse Company iqashe umhlaba kanye namabhilidi kuMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ngaphandle kokubhekwa.

Uhlelo oluhle lokuthola ukwehla kwezinganani lempahla kanye nesamba esisalayo sempahla yokusebenza lwenziwa njalo ngonyaka, bese kulungiswa lapho kunesidingo khona.

Izindleko zokunakela zifika kuma-R4 231 317 (2021 : R2,494,768) ezikhokhelwa abahlinzekimsebenzi bangaphandle.

Amaholo abasebenzi bengaphakathi ababhekele ukunakela afinyelela kuma-R4,844,505 (2021 : R4,988,126)..

Akukho mhlaba, mishini kanye nempahla yokusebenza okwenziwe isibambiso.

Amanothi Amaqondana Nezitatimende Zezimali Zonyaka (kuyaqhutshwa)

	I-Software	Isamba
2.3 Impahla engaphatheki	R	R
Imali okuvulwe ngayo mhla lulu-1 kuNdassa wezi-2020	772 149	772 149
Imali okuvulwe ngayo engakancozulwa	2 073 583	2 073 583
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane okuqhutshakwa nakho	(1 301 435)	(1 301 435)
Okwengeziwe	605 244	605 244
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane	(465 078)	(465 078)
Ukulungiswa kabusha kokwehliswa kwesikweletu kancane kancane	66 036	66 036
Okulahlwe	-	-
Izindleko	-	-
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane okuqhutshakwa nakho	-	-
Imali okuvulwe ngayo mhla lulu-1 kuNdassa wezi-2021	978 350	978 350
Imali okuvulwe ngayo engakancozulwa	2 678 827	2 678 827
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane okuqhutshakwa nakho	(1 700 477)	(1 700 477)
Okwengeziwe	429 106	429 106
Ukwehla kwezingamali lempahla	(670 496)	(670 496)
Ukulungiswa kabusha kokwehliswa kwesikweletu kancane	364 097	364 097
Okulahlwe	(1 622)	(1 622)
Izindleko	(282 094)	(282 094)
Ukuqhubeka kokwehliswa kwesikweletu kancane kancane lempahla	280 471	280 471
Imali okuvulwe ngayo mhla lulu-1 kuNdassa wezi-2022	1 099 434	1 099 434
Imali okuvulwe ngayo engakancozulwa	2 825 839	2 825 839
Ukuqhubeka kokwehliswa kwesikweletu kancane kancane	(1 726 405)	(1 726 405)
Ukwehliswa kwesikweletu kancane kancane kufakwa kanye nokwehla kwezinganani lempahla.		
	kuNdassa 2022	kuNdassa 2021
	R	R
2.4 Uguquko kuzilinganiso	10 844 321	12 227 790
Ukulungiswa kokwehla kwezinganani lempahla nokwehliswa kwesikweletu kancane kancane		
I-The Playhouse Company ihlola ukubaluleka kwempahla ekupheleni kwesikhathi sokubika. Lapho impahla yehlelwa kakhulu yizinga kusukela ngaphambi kwesikhathi sokubika, ukubaluleka kwempahla kumele kwaniswe ngeminyaka emithathu. Imiphumela eyisilinganiso yoguquko igcina isiyizindleko zokwehla kwezinganani lempahla ngonyaka okulungiswa ngawo. Umthelela woguquko eminyakeni elandelayo ugcina usuwenyusa ukwehla kwezinganani lempahla ngeminyaka emithathu uma impahla isetshenziswa.		
3. ISITOKWE SENKAMPANI		
Ukudla	36 184	48 744
I-Workshop	254 803	258 749
Izimpahla zokugqoka	94 022	94 085
Indawo yokugcina impahla ejwayelekile	161 983	150 419
Isamba	546 992	551 997
4. UHWEBO KANYE NENYE IMALI ETHOLAKALAYO		
Uhwebo olutholakalayo	494 805	519 583
izikweletu zabasebenzi	2 380	1 533
Enye imali etholakalayo	1 186 553	1 058 848
	1 683 738	1 579 964
Kususwe: Imali yabakweletwayo	(482 094)	(521 116)
Isamba	1 201 644	1 058 848
Ukuhlaziywa kohwebo kanye nenye imali etholakalayo ngokwenhloso yokubika:		
Izinsuku ezingama-90 days nangaphezulu	-	-
Izinsuku ezingama-60	-	-
Izinsuku ezingama-30	11 627	-
Okwamanje	1 190 017	1 058 848
	1 201 644	1 058 848
4.1 Ukuthinteka kokuhlinzekelwa kokuntenga kwemali yabakweletwayo		
Imali okuvulwe ngayo mhla lulu- 1 kuMbaso	521 116	445 079
Ukuhlinzekelwa kokuntenga kwemali yabakweletwayo	500	292 593
Imali etholakalayo esuliwe onyakeni ngokuthi ayiqoqwanga	(18 067)	(47 444)
Imali engasetshenziswanga ebuyiselwe	(21 455)	(169 112)
Ukulungiswa kwezaphulelo	-	-
Imali okuvulwe ngayo mhla zingama-31 kuNdassa	482 094	521 116

Amanothi Amaqondana Nezitatimende Zezimali Zonyaka (kuyaqhutshwa)

	kuNdasa 2022	kuNdasa 2021
	R	R
5. IMALI NOKUNYE OKULINGANA NEMALI OKUVALWE NGAYO EKUPHELENI KONYAKA		
Imali ekhona etholakala ngokushesha	31 266 637	28 926 079
Utshalomali - idiphizothi engaguquki	60 629 182	58 638 650
Imali etholakala ezinsukwini ezingama-30	3 000 000	-
Imali etholakala ezinsukwini ezingama-60	3 000 000	13 661 084
Imali etholakala ezinsukwini ezingama-90	54 629 182	44 977 566
Isamba	91 895 819	87 564 729
Kubophezelwe ngokuba isibambiso sokuqinisekisa ama-R274 966 kanye nama-R30 360 ekhishwe ngabakwa-FNB egameni le-Playhouse Company ukubhekana noMasipala waseThekwini kanye nabePosi. Lezi ziqinisekiso zizophelelwa isikhathi sokusebenza mhla zingama-31 kuZibandlela wezi-2025 kanti angeke zisavuselelwa.		
6. IMALI ENGENILE EDLULISELWE EMINYAKENI ELANDELAYO		
Izikweletu ziqoqwa ngokwemali etholakala kuzibonelelo ezinemibandela. Imali etholakala kulezi zibonelelo idluliswa kuze kube yisikhathi lapho imibandela yesibonelelo isifezekisiwe. Isikweletu sesibonelelo siyehla ngokufezekiswa kokudluliselwa kwemali engenile eminyakeni elandelayo.		
Izibonelelo - Umnyango kaZwelonke Wezemidlalo, Ezobuciko Namasiko		
Imali Okuvulwe ngayo	30 666 213	20 982 905
Kwengezwe: Imali etholakele	12 695 160	10 512 000
Kususwe: Imali esetshenzisiwe	(3 670 107)	(828 693)
Isamba	39 691 266	30 666 213
7. UHWEBO NENYE NOKUNYE OKUKHOKHWAYO		
Inkokhelo yohwebo	964 999	1 961 819
Ezinye izinkokhelo nekuqokeleliwes	1 829 742	1 447 471
Inkokhelo yamalivu	3 290 943	3 209 736
Inkokhelo yamabhonasi	951 548	930 671
Isamba	7 037 231	7 549 697
8. IMISEBENZI, IZAKHIWO KANYE NEMPAHLA YOKUSEBENZA		
Ukuqashwa kwezindawo zokunandisa, impahla, okusebenza esiteji kanye nesiteji esingumahambanendlwana	495 559	19 634
Imali engena ehhovisi elidayisa amathikithi	842 550	13 725
Imali yerenti engenile	45 246	24 505
Imicimbi	27 860	17 800
